



# basic education

Department:  
Basic Education  
**REPUBLIC OF SOUTH AFRICA**

## **NATIONAL SENIOR CERTIFICATE**

**IBANGA LE-12**

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)**

**IPHEPHA LOKUQALA (P1)**

**NOVEMBA 2010**

**IMEMORANDAMU**

**AMAMAKI: 80**

**Le memorandam u inamakhasi ayi-7.**

## ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

### UMBUZO 1

- 1.1 1.1.1 UNomzamo (1)
- 1.1.2 Ezemidlalo/ukuphumelela ukudlala (kahle) (1)
- 1.1.3 Izingane zandawonye futhi zibeletwe ngokulandelana/  
bayelamana/ubhuti nosisi (2)
- 1.1.4 Cha kwakungaqali ngoba wawenziwa minyaka yonke. (2)
- 1.1.5 Ukubonakala kwezinyembezi emehlweni. (1)
- 1.1.6 -Ukuthola imiklomo eminingi esikoleni.  
-Ukuthola amamaki aphezulu ezifundweni ezinhlobonhlobo.  
-Ukuphumelela embukisweni womhlaba wonke.  
-Impumelelo yakhe nokuzimisela kukadadewabo. (OKUBILI  
kulokhu) (2)
- 1.1.7 Ngumfundi. (1)
- 1.1.8 Ngithe ngingena nje endlini umama wangibamba ithambo. (imisho  
iyokwehluka – kufanele kuvele isenzo sokuxhawula lapha) (2)
- 1.1.9 Izimpendulo ziyokwehluka:  
Yebo kwakufanele ukuze abe nolwazi lokuthi uyise wayeguliswa  
yini **noma**  
Cha- uNomzamo wayeseyingane ukuthi angatshelwa indaba efana  
nale. (2)
- 1.1.10 Iqiniso  
Wayeziqhenya kakhulu ngodadewabo.  
(izimpendulo ziyokwehluka uma uthatha endabeni ukwesekela  
umqondo wakho) (2)
- 1.1.11 -ukugulelwa abazali bagcine sebeshonile.  
-ukuthathwa kwabo bayohlala eSOS.  
-ukungabi nekhaya. (2)
- 1.1.12 Kwagcina kumnqobile ukufa. (2)
- 1.2 1.2.1 Babili oka-April noka-February (1)
- 1.2.2 Ingoba unemilenze emide/emihle/umzimba omuhle/uyawathanda  
amabhulukwe/ayamfanela (2)
- 1.2.3 Umgexo/ibhengeli/indandatho/iringi/izinwele (OKUBILI kulokhu) (2)

- 1.2.4 Ukuze babukeke/bakhange abantu/bathandeke. (2)
- 1.2.5 Iqiniso, ngoba esikhathini esiningi yibona abathanda ukugqama ngemfashini.  
Umbono, ngoba kulesi sikhathi samanje nabesilisa sebengenile kulo mkhakha wokukhangisa. (uma nje umfundi ekwazile ukusekela impendulo yakhe) (2)
- 1.2.6 Umbala wezinwele/nesitayela (1)

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

## **ISIQEPHU B: UKUFINGQA**

### **UMBUZO 2**

Nanka amaphuzu umfundi angawaveza kanye nokunye inqobo nje kusesiqeshini sokufingqa.

- Ingane kufanele ifundelwe ngaso sonke isikhathi.
- Osekufundiwe makwenziwe ingxoxo yelanga.
- Umzali kufanele ahlale enezincwadi zokufunda ekhaya.
- Kufanele izincwadi zibekwe lapho ingane ingazitholela zona kalula.
- Umzali kufanele abe yisibonelo esihle enganeni.
- Ngesikhathi kufundwa awabe khona namanye amalunga omndeni.
- Umzali makathengele ingane isipho sezincwadi.
- Makuvakashelwe emtatsheni wezincwadi kuhanjwe nezingane.
- Gqugquzela ingane ukuthi izikhethela yona incwadi efuna ukuyifunda.
- Kusemqoka ukufundela ingane izincwadi ezibhalwe ngolunye ulimi.
- Konke lokhu kuyayikhuthaza ingane ukuthi ifunde.

**Kuyosetshenziswa i-Rubric ekumakeni. Annexure A**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**

## ISIQEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI

### UMBUZO 3

3.1	3.1.1	Ukwenza	(1)
	3.1.2	nesikhashana	(1)
	3.1.3	impumelelo	(1)
	3.1.4	Njengomuntu	(1)
	3.1.5	esasemini	(1)
3.2	3.2.1	somhlalaphansi	(1)
	3.2.2	emholweni	(1)
	3.2.3	esephumula	(1)
	3.2.4	athembele	(1)
	3.2.5	kakhulu	(1)
3.3	3.3.1	indlwana	(1)
	3.3.2	umalumekazi/u-anti	(1)
	3.3.3	izingcezu/izincezu	(1)
			<b>[13]</b>

### UMBUZO 4

4.1		Ukuhlala phansi ungenzi lutho/ukungenzi lutho	(2)
4.2		Imisho iyokwehluka.	
	4.2.1	<b>Vala!</b> √ Themba, vala lowo mnyango/Vala lowo mnyango Themba. √	(2)
	4.2.2	<b>Uvalwa</b> √ Umnyango uvalwa izingane. √	(2)
4.3		Abadala	(1)
4.4	4.4.1	Umthandazo	(1)
	4.4.2	Umbono	(1)
4.5	4.5.1	Uyasebenza njalo ngemiGqibelo <b>kodwa</b> akaholi.	(1)
	4.5.2	Uhlala phansi <b>noma</b> kufanele apheke ukudla. ( <b>kodwa/uma</b> )	(1)
	4.5.3	Ngiyayifuna le <b>futhi</b> naleyo ngiyayifuna. ( <b>kodwa</b> )	(1)
4.6		Akusizi lokhu.	(2)
4.7		<b><u>Hambani-ke</u></b> niyohlanganisa amakhanda <b><u>ngale ndaba</u></b> yomhlangano ozayo.	(2)
			<b>[16]</b>

## UMBUZO 5

- 5.1 5.1.1 Ukugqamisa igama lesitediyamu/inkundla/ukuheha abantu/  
ukukhangisa ngendawo. (2)
- 5.1.2 Ngoba kubhalwe ngolimi lwesiNgisi/ulimi olwehlukile. (2)
- 5.1.3 Iqhudelana/incintisana/ibhekana/itholana/ibambana. (2)
- 5.2 - Intokozo enkulu  
- Bazokwamukeliswa amakepisi nezikipa mahhala  
- Kunandisa abaculi  
- Kunamabhasi azonithuthela enkundleni  
- Ezokuphepha  
- Injabulo  
- Walala wasala!  
- Ibhola likanobhutshuzwayo  
- Nithenge amathikithi  
- Enkundleni (OKUHLANU kulokhu) (5)

[11]

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 40**  
**AMAMAKI ESEWONKE: 80**

## Annexure A

### Indlela yokumaka ukufingqa

- Abafundi mabaphendule ngendlela ababuzwe ngayo. Uma abafundi bephendule ngendlela abangabuzwanga ngayo bayomakelwa kodwa kususwe imaki elilodwa emamakini abawatholile.
- Abafundi mababhale inani lamagama abawasebenzisile ngokuyikho.
- **Amamaki azochazwa ngalendlela:**
  - **Amamaki ayisi-7 (okuqukethwe/amaphuzu ayisi-7**
  - **Amamaki ama-3 (ulimi).**
  - **Ukususwa kwamamaki:**
    - ❖ Uma abafundi bephendule ngendlela abangabuzwanga ngayo bayomakelwa kodwa kususwe imaki elilodwa emamakini awatholile
    - ❖ Amaphutha olimi (uhlelo, isipelingi, izimpawu zokuloba):  
Kuyosuswa emamakini olimi ama-3 kanje:  
0-4 amaphutha- akususwa lutho.  
5-10 amaphutha- susa iphuzu eli-1.  
11-15 amaphutha- susa amaphuzu ama-2.  
16 kuya phezulu amaphutha- susa amaphuzu ama-3.
  - Ukuze umfundi athole imaki **eli-1 olimini**, okungenani makube uthole iphuzu **eli-1 kuya kwama-3**.
  - Ukuze umfundi athole imamaki **ama-2 olimini**, okungenani makube uthole amaphuzu **ama-4 kuya kwama-5**.
  - Ukuze umfundi athole amamaki **ama-3 olimini**, okungenani makube uthole amaphuzu **ayisi-6 kuya kwayisi-7**.
  - ❖ Susa imaki eli-1 emamakini aphelele atholwe umfundi ekufingqeni (okuqukethwe nolimi) uma angazange abhale inani lamagama awasebenzisile noma ukufingqa kwakhe kube kude kakhulu.



# basic education

Department:  
Basic Education  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

## NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LOKUQALA (P1)

NOVEMBA 2010

AMAMAKI: 80

ISIKHATHI: amahora ama-2

Leli phepha linamakhasi ayi-11.



**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniwe IZIQEPHU EZINTATHU:  

ISIQEPHU A: Isivivinyo sokuqondisisa	(30)
ISIQEPHU B: Ukufingqa	(10)
ISIQEPHU C: Uhlelo nokusetshenziswa kolimi	(40)
2. Abahlolwayo mabafundisise yonke imiyalelo ngaphambi kokuba baphendule imibuzo.
3. Mabaphendule YONKE imibuzo ekuleli phepha.
4. Mabaqalise isiqephu NGASINYE ekhasini ELISHA bese bedweba umugqa emva kwaleso siqephu.
5. Mababhale izinombolo zezimpendulo njengoba zibhalwe embuzweni.
6. Mabashiye umugqa emva kombuzo ngamunye.
7. Mababhale ngobunono nangesandla esifundekayo.
8. Abahlolwayo mabaqaphele upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.

**ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA****UMBUZO 1**

1.1 Fundisisa lesi siqephu esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

Kwakuphithizela esikoleni iSenzakahle. Phela kwakuwusuku olukhulu lokuvalwa kwezikole. Kwakukhona abazali bezobona izingane zabo zithola imiklomelo (prizes) emikhakheni eyehlukene ezaziphumelele kuyona.

Kuyo yonke le njabulo eyayenzeka lapha esikoleni iSenzakahle, kunomfundi oyedwa owayelokhu ebizwe njalo, ezokwamukela imiklomelo ehlukile. Lowo kwakunguNomzamo Gazu. Wathola umklomelo wokuba ngumfundi oyinono ukubedlula bonke, nowokuba ngumfundi ovelele kwezemidlalo. Wabuye wathola nomklomelo wokuba ngumfundi onamamaki aphezulu ezifundweni ezinhlobonhlobo, kanye nomklomelo wokuba ngumfundi obedlula bonke emsebenzini wezandla.

Okwamjabulisa kakhulu uNomzamo ukuthi nomfowabo uMzamo, wayewutholile naye umklomelo kwezemidlalo. Wayeshaye amagoli amaningi kunabo bonke, waphinda waba ngumdlali wonyaka. Wonke umuntu owayekhona ehholo washaya izandla ngesikhathi eya phambili, emamatheka kancane. Kwaba khona umsindo omkhulu abangane bakhe bambongela bethi "Vuvuzela! Vuvuzela!"

Kwaphuma isikole belokhu bejabule oNomzamo benoMzamo izelamani zakwaGazu. Bahamba nje bayasindwa, izandla zigcwele imiklomelo abayithole kulo mcimbi owenziwa yonke iminyaka lapha eSenzakahle uma kuphela unyaka. Base bejahe ukufika ekhaya bakhombise ubaba wabo imiklomelo yabo.

Okubuhlungu nje ngukuthi uyise wayegula kakhulu. UNomzamo njengoba emdala yayimphethe kabi indaba yokugula kukababa wabo. Wayazi ukuthi ubaba wakhe angeke esabangcono ngoba wayephethwe yisifo sengculazi. Empeleni uGazu wayeke wambiza ngelinye ilanga uNomzamo wamxoxela ukuthi uphethwe yini. Umama wabo uMaMbhele yena wayeshone eminyakeni emibili edlule ngayo ingculazi. Kwedlula izinsukwana kade emtshelile, wagula kakhulu, kwagcina kumnqobile ukufa. ONomzamo kwafanele ukuba bayohlala eSOS, okuyindawo ehlala izingane ezingenabazali.

Kwavulwa izikole sebetholelwe isikole abazofunda kuso oNomzamo benoMzamo. Kwabonakala zisuka nje ukuthi uNomzamo noMzamo bazimisele. Esikoleni uNomzamo waqhubeka nokuthola amamaki amahle ebahlula ontanga yakhe. Okwamangalisa abaningi yikhono lakhe lokwenza imisebenzi ehlukahlukene yobuhlalu.

Wabona ukuthi baningi abantu abathenga kuye, wacabanga ukuziqalela ibhizinisi lakhe, wavulela nabanye ontanga amathuba okuthola imali. Wathintana nabantu abanolwazi lwamabhizinisi amancane bamsiza ngokuthi angaliphumelelisa kanjani iphupho lakhe. Kwedlula isikhashana laba semthethweni ibhizinisi lakhe walibiza ngokuthi: "Siyazenzela."

Wathuthuka waze wangenela umncintiswano omkhulu womhlaba wonke owawuzobanjelwa eThekwini. Lapha kwakuzokhangiswa ngezinto zesintu ezenziwa lapha eNingizimu Afrika. Emva kwalo mncintiswano wajabula kakhulu uNomzamo uma ezwa ukuthi uphume phambili emkhakheni wabantu abasha. Wonke umuntu washaya izandla ngenkathi esukuma. Kwaba ngububanibani amakhamera, abezindaba, abamaphephandaba nabethelevishini bemthatha izithombe. Nalapho sekufanele akhulume azibongele wavele wakhala enziwa yinjabulo, wehluleka nokukhuluma.

Ukuphumelela kwakhe lapha kwakuzomvulela amathuba amaningi. Umklomelo wakhe wawuhambisana nomfundaze wokuya eNgilandi inyanga yonke sekuvalwe izikole eyothuthukisa ulwazi lwamabhizinisi.

Kwacweba izinyembezi zenjabulo kuMzamo ngenkathi sebehleli endlini nodadewabo bekhuluma ngezinto ezenzeka ngalolo suku.


"Ngiziqhenya kakhulu ngawe ngane yakwethu," kusho uMzamo ebamba ithambo kudadewabo uNomzamo.

"Ngiyabonga Mntakababa. Yikho nje ukuthi angikukholwa lokhu uma ngicabanga inhlupheko esiphuma kuyona."

- 1.1.1 Ngubani umfundi owathola imiklomelo eminingi esikoleni saseSenzakahle? (1)
- 1.1.2 Yini eyayenziwa yilezi zingane zakwaGazu ngokufana futhi ziyenza kahle? (1)
- 1.1.3 Kungani umbhali ebiza uNomzamo noMzamo ngezelamani? (2)
- 1.1.4 Ngabe kwakuqala yini ukwenziwa kwalo mcimbi kulesi sikole? Sekela impendulo yakho. (2)
- 1.1.5 Khetha igama elifanele kulana onikezwe wona:  
'ukucweba izinyembezi' kusho: (ukukhala uzwakale, ukugeleza kwezinyembezi, ukubonakala kwezinyembezi emehlweni.) (1)
- 1.1.6 Bhala izinto EZIMBILI ezajabulisa kakhulu uMzamo ngoNomzamo. (2)
- 1.1.7 Bhala igama eleqiwe kulo musho olandelayo osendabeni:  
'Wabuye wathola nomklomelo wokuba onamamaki aphezulu ezifundweni ezinhlobonhlobo.' (1)

- 1.1.8 Sebenzisa lesi simo sokukhuluma emshweni kuvele incazelo yaso.  
Ukubamba ithambo. (2)
- 1.1.9 Ngokucabanga kwakho uGazu wayefanele yini ukuxoxela uNomzamo ngesifo esasimphethe? Sekela impendulo yakho. (2)
- 1.1.10 Ngabe kuliqiniso noma umbono ukuthi uMzamo wayemthanda udadewabo? Sekela impendulo yakho. (2)
- 1.1.11 Endabeni oyifundile iyiphi inhlopheko lezi zingane ezedlula kuyona? Bhala OKUBILI kwalokhu. (2)
- 1.1.12 Tomula umusho ochaza ukuthi ubaba walezi zingane washona. (2)

1.2 Bukisisa lesi sithombe esilandelayo bese uphendula imibuzo.



- 1.2.1 Bangaki abakhangisi abamamathekayo/abamoyizelayo kulesi sithombe? (1)
- 1.2.2 Nikeza isizathu esenza ukuba umkhangisi ka-April akhangise egqoke ibhulukwe. (2)
- 1.2.3 Yini esobala umkhangisi ka-March akhangisa ngayo? Shono OKUBILI. (2)

- 1.2.4 Nikeza isizathu sokuthi abakhangisi kufanele bamamatheke/ bamoyizele uma bekhangisa. (2)
- 1.2.5 Ngabe yiqiniso noma umbono ukuthi abantu besifazane yibona abathanda ukukhangisa? Sekela impendulo yakho. (2)
- 1.2.6 Bhala umehluko osobala okhona ezinweleni zomkhangisi ka-February nomkhangisi ka-March. (1)

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

**ISIQEPHU B: UKUFINGQA****UMBUZO 2**

Fundisisa lesi siqeshana bese usifingqa ngamazwi akho aphakathi kwamagama angama-50 kuya kwangama-60. Bhala ngamaphuzu ayisikhombisa.

**UKUBALULEKA KOKUFUNDA IZINCWADI**

Uma singabheka izingane ezihlale zifundelwa izincwadi kusukela zincane zifunda kalula esikoleni kunalezo ezingafundelwa. Njengoba singabazali nje yithina esingothisha ababalulekile ezinganeni zethu. Kufanele sifundele izingane zethu njalo, zonke izinsuku, nangezikhathi zonke. Okufundiwe kufanele kukhulunywe ngakho ngalolo nalolo suku.

Umzali kufanele ahlale enezincwadi zokufunda endlini. Lezi zincwadi mazibe seduze nezingane zikhathi zonke. Ungazibeka ngisho naphansi ukuze ingane izithole kalula, ukuze ikwazi ukufunda noma umzali engekho. Ingahlali ingafundi ngoba ithi ilinde umzali. Kuhle ube yisibonelo esihle enganeni ngoba lokho okwenzayo kubaluleke kakhulu. Abanye bomndeni nabo kufanele babe khona uma kufundwa izincwadi. Lokhu kuyayikhuthaza ingane futhi kuyenze ibone ukuthi ukufunda kuyinto ebalulekile.

Kuyinto enhle ukuthi umzali athengele ingane yakhe isipho sezincwadi. Lokhu ungakwenza ngosuku lokuzalwa noma ngoKhisimusi. Ungazenzela nendawo esamtapo wezincwadi (library) khona ekhaya lakho. Ukufunda kufanele kwenziwe kube mnandi. Uma ingane isencane ungayitholela izincwadi ezinopopayi abathandwa yizingane bese uyifundela zona. Ukufunda kungaba mnandi uma ulingisa ubuye ushintshe nezwi. Okubalulekile kakhulu ukuthi uma ufunda ukhombise umdlandla (enthusiasm).

Ukuvakashela umtapo wezincwadi kubalulekile nakho. Kuhle uye nayo njalo emtatsheni wezincwadi ukuze ingane ifunde ukuzikhethela izincwadi ezithandayo. Kuhle ukuthi izingane zikhethe into ezifuna ukuyifunda ukuze zibe nomdlandla wokufunda. Ukufunda izincwadi kuyindlela yokwandisa ulwazi, ngoba ulwazi lwenza azethembe.

Kubalulekile ukuthi ingane uyifundise nokufunda izincwadi ezibhalwe ngolunye ulimi, kungabi ezolimi lwakho kuphela. Uma uzokwenza lokhu qaphela ukuthi ulimi olusetshenziwe lulingana nomqondo wengane. Nendaba ingane eyifundayo kufanele ilingane nomqondo wengane. Okunye okungasiza ukuthi izingane uzifunele izincwadi ezinemidwebo. Zonke lezi zinto ziyoyenza ingane ithande ukufunda.

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**

**ISIQEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI****UMBUZO 3**

- 3.1 Funda lesi siqeshana esingezansi bese ubhala ngendlela eyamukelekile amagama angapelekile/angabhalekile kahle. Khipha amagama ABEMAHLANU kuphela.

Iningi lethu linesifiso sokungena kwezamabhizinisi ukuze lizakhele imali, okungelula-ke nokho ukuenza. Amabhizinisi amancane ayehluleka ukumelana nesikhathana nje esingangonyaka. Ukusebenza ngokuzikhandla yinto engaletha imphumelelo ngaso sonke isikhathi ebhizinisini lomuntu. Njengamuntu mhlawumbe ofuna ukuqala umsebenzi wokukhiqiza kungaba kuhle ukuthi atholisise kuqala ukuthi umphakathi wakuleyo ndawo udingani. Lokho kuyosiza ekuhleleni nesikhathi angasebenza ngaso, okungenzeka kube esaemini noma ebusuku.

(5)

- 3.2 Gcwalisa izikhala ngegama elifanele. Bhala izimpendulo kuphela.

Khetha kulana alandelayo:

emholweni; esephumula; kakhulu; kufanele; somhlalaphansi; athemebele

Umuntu usebenza kusukela ebusheni bakhe kuze kufike esikhathini (3.2.1) ... Uma esasebenza kufanele alondoloze okuthile (3.2.2) ... wakhe wanyanga zonke, ukuze angahlupheki uma (3.2.3) .... Akufanele ukuthi (3.2.4) ... kwabanye abantu. Ukuzicabangela kunomvuzo omuhle (3.2.5) ... empilweni.

(5)

- 3.3 3.3.1 Bhala isinciphiso segama elidwetshelwe emshweni ongezansi.

Indlu kagogo ayiseneli sonke.

(1)

- 3.3.2 Bhala ubulili besifazane begama elidwetshelwe ngezansi:

Ufike izolo umalume.

(1)

- 3.3.3 Nikeza ubuningi begama elidwetshelwe emshweni ongezansi.

Ucezu lwesinkwa alusuthisi.

(1)

**[13]**



**UMBUZO 4**

Fundisisa lesi siqeshana bese uphendula imibuzo elandelayo.

Akusizi ngalutho ukuhlala usonge izandla izinto zibe zonakala. Unelungelo lokuveza umbono. Ukuhlangana nabanye abantu kuboniswa kuyasiza kakhulu, yize noma ngesinye isikhathi kubakhona nabantu abasha ikakhulukazi abafana, lapho kusuke kuhlangene khona abantu abadala kuphela. Lokhu kukhombisa ngokusobala ukuthi abantu abasha abalaleli. Amakhehla agcina ekhala nangokuthi akusavalwa ngisho nangomthandazo ngoba kugcina kungasekho olalela omunye.

- 4.1 Chaza lesi simo sokukhuluma.  
Ukusonga izandla (2)
- 4.2 Sebenzisa isiqu –**vala** wakhe imisho ezokhombisa le miqondo elandelayo:  
4.2.1 Wokuphoqa (2)  
4.2.2 Wokwenziwa (2)
- 4.3 Tomula igama elichazayo kulo musho olandelayo.  
Lapha kusuke kuhlangene khona abantu abadala kuphela. (1)
- 4.4 Nikeza igama elifana nalelo gama kwangezansi.  
4.4.1 Umkhuleko (1)  
4.4.2 Icebo (1)
- 4.5 Sebenzisa lezi zihlanganiso ezingezansi ukuhlanganisa imisho elandelayo, bese uwubhala kabusha umusho wakho:  
(futhi, uma, kodwa, noma)  
4.5.1 Uyasebenza njalo ngemiGqibelo. Akaholi. (1)  
4.5.2 Uhlala phansi. Kufanele apheke ukudla. (1)  
4.5.3 Ngiyayifuna le. Naleyo ngiyayifuna. (1)
- 4.6 Bhala lo musho olandelayo uveze indlela yokuphika.  
Kuyasiza lokhu. (2)
- 4.7 Lungisa amaphutha atholakala kulo musho olandelayo. Phinda uwubhale phansi.  
Hambanike niyohlanganisa amakhanda ngalendaba yomhlangano ozayo. (2)

**[16]**

**UMBUZO 5**

5.1 Bheka leli thikithi elingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

PSL – ABSA League Match	
<b>FNB STADIUM</b>	
I-ORLANDO PIRATES	
Idudulana ne KAIZER CHIEFS	
Usuku: 2007-12-20	2007/12/20
Amasango avulwa: 16:30	
Isikhathi sokuqala: 19:00	FNB Stadium iPirate neChiefs
<i>Seat no.</i> 42	42

5.1.1 Kungani igama elithi: **FNB STADIUM** libhalwe ngefonti enkulu? (2)

5.1.2 Kungani lokhu kubhalwe ngohlobo lwefonti ehlukele: *seat no?* (2)

5.1.3 Iliphi elinye igama ongalisebenzisa esikhundleni saleli elithi: idudulana? (2)  
Nalo aliveze impambosi yokwenzana.

5.2 Funda lesi siqeshana bese ukhipha amabinzana noma amagama ahambisana nesihloko abe MAHLANU kuphela. Uveze lokhu okulandelayo:

- Injabulo
- Umdlalo kanobhutshuzwayo

**INJABULO EMDLALWENI KANOBHUTSHUZWAYO**

Bathandi bakithi bebhola likanobhutshuzwayo abathandekayo nabahle. Kungaba intokozo enkulu kithi ukuba nithenge amathikithi isikhathi sisekhona, futhi nibuye nifike enkundleni kusekude ukuba umdlalo uqale. Abazofika kuqala bazokwamukeliswa amakepisi nezikipa mahhala. Kuzobe kunandisa abaculi abaphambili baseNingizimu Afrika. Lapho kuzopakwa khona izimoto kuzobe kunamabhasi azonithuthela enkundleni. Ezokuphepha zizobe zithe chithi saka ziqinisekisa injabulo yenu. Walala wasala!

(5)  
[11]

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 40**  
**AMAMAKI ESEWONKE: 80**



# basic education

Department:  
Basic Education  
**REPUBLIC OF SOUTH AFRICA**

## **NATIONAL SENIOR CERTIFICATE**

**IBANGA LE-12**

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)**

**IPHEPHA LESIBILI (P2)**

**NOVEMBA 2010**

**IMEMORANDAMU**

**AMAMAKI: 70**

**Le memorandamu inamakhasi ayi-16.**

## ISIQEPHU A: INOVELI

### UMBUZO 1: *KUSINDA KWEHLELA ENDODENI* – SJ Mchunu

Izimpendulo zabafundi zingabhekiswa kulokhu okulandelayo:

- UManyoba wakhula kanzima esebenza epulazini futhi engafundile.
- Emva kwesikhathi weqa epulazini wayosebenza eGoli.
- Nakhona wasebenza kanzima ukuze athole imali yokufundisa izingane zakhe zizokwazi ukuphila kangcono.
- Wasebenza ngokuzimisela nangokwethembeka washeshe wakhushulelwa esikhundleni esithe xaxa.
- Wazama ukuzithuthukisa ngokuthi ayofunda esikoleni sasebusuku ukuze athole umsebenzi ongcono.
- Waphumelela ezifundweni zakhe waze wagcina esethole imisebenzi engconywa.
- Waqhubeka nokuzithuthukisa wagcina esethole nezincwadi zokushayela.
- Engasasebenzi wacela abantwana bakhe ukuthi bamsize ngokumondla ngoba wayebafundisile.
- Abantwana bakhe baqhamuka nesu lokuthi kungangcono uma bengabathatha noMaNdlovu bayohlala nabo emizini yabo. Banquma ukubahlukanisa benomkakhe.
- Emizini yamadodana abo abaphathekanga kahle oManyoba noMaNdlovu, bagcina sebuyele emzini wabo.
- UManyoba wadlala iLotto, wawina. Kwaphela ukuhlupheka.
- Ngesizathu sokuthi ayengamphathanga kahle amadodana akhe, wanquma ukungawaniki lutho emalini yakhe.
- Esikhundleni sokupha amadodana akhe imali, wanquma ukwabela abazukulu bakhe.
- Ekugcineni sithola uManyoba obehlupheka esenothile, enemali eningi.

[35]

## NOMA

### UMBUZO 2: *KUSINDA KWEHLELA ENDODENI* – SJ Mchunu

- 2.1      • UManyoba  
          • UMaNdlovu (2)
- 2.2      UManyoba wayengasakwazi ukuzondla yena nomkakhe. (2)
- 2.3      Uninalume wabafana. (1)
- 2.4      UFanyana, uMjwayeli, uMarriam, uBheki noMduduzi (5)
- 2.5      uFanyana (1)
- 2.6      • Wafunda waze waphumelela ukuthola uJC.  
          • Wathola izincwadi zokushayela.  
          • Wathola umsebenzi wokushayela. (3)

- 2.7
- Ukufuna ukwazi ukuzifundela izincwadi ezazivela ezintombini zabo.
  - Ukufuna ukwazi ukukhuluma nabelungu isiNgisi. (2)
- 2.8 Wadlala ilotheni wabamba isizumbulu semali. (2)
- 2.9 Wazijezisa ngokuthi angaziniki lutho emalini ayeyithole kulotho kunalokho wanika/wabela abazukulu bakhe. (2)
- 2.10 Izimpendulo ziyokwehluka:
- Yebo – kwakufanele azijezise ngoba zabaphatha kabi ngokubahlukanisa nangokubahlukumeza lapho sebehlela nazo.
- Cha – kwakungafanele azijezise ngoba njengomuntu okholwayo kwakufanele azixolele. (2)
- 2.11 Ngiyavumelana  
Izingane zisuke zicabanga ukuthi abazali sebedadala sebefuna ukunakekelwa njengoba nazo bezikhulisile.
- Ngiyaphikisana  
Akuzona zonke izingane ezithi uma seziqedile ukufunda zithathele abazali bazo izinqumo ngempilo yabo. Akubona bonke abazali abathandayo nabakufunayo ukuthathelwa izinqumo uma sebekhulile. (3)
- 2.12
- Amakhosikazi nawo angamalunga omndeni.
  - Ukushiywa ngaphandle kwamakhosikazi kugqogquzela ubandlululo kubantu besifazane.
  - Amakhosikazi yiwona ayezobenzela ukudla baphinde babawashele. (3)
- 2.13 Umama wakho/emzini wakhe/“nhayi lapha kwami” (2)

2.14

UHLU A	UHLU B
2.14.1 Ilo kwathi nhlo	C kusukela kudala nje
2.14.2 Kungakapholi maseko	A kungakadluli isikhathi eside
2.14.3 Alufakwa lubuya nodaka	F unolaka
2.14.4 Umalokazana	B umlobokazi
2.14.5 Liguqubele	D lihlomile

(5)  
[35]

**NOMA**

## **UMSHADO – N Zulu**

### **UMBUZO 3**

Izimpendulo zabafundi zingabhekiswa kulokhu okulandelayo:

- UBhekani ubhekene nenkinga yephupho likayise embuza ukuthi uyoganwa nini.
- Utholana noTholakele okunguyena asefuna ukumthatha abe ngunkosikazi wakhe.
- Inkinga ukuthi lo Tholakele ungumfelokazi. Uma etshela unina, uhayiza ibhadi uthi okungenani akushiswe impepho kucelwe kwabaphansi.
- UBhekani uba nezinsolo ngoTholakele onomngane womlungu uPamella.
- uBhekani usezama ukuthola ukuthi yini ehlanganisa uTholi noPamella.
- UBheki uze alwe noBhatomu acishe afe, lo Bhatomu uTholi athi umfowabo womyeni wakhe.
- UBheki wenza amalungiselelo okulobola uTholi ukuze aphume kule nkinga abhekene nayo.
- UZenze uza njengesihlobo sikaTholi esizokwamukela ilobolo.
- Umalume kaBheki yena akasayingeni yonke indaba kaBhekani yokulobola.
- UTholi uqhubeka nokungehembeki kuBheki.
- Ekugcineni uTholi ungena esibhedlela ngenxa yezidakamizwa.
- UBheki uyaqhubeka nokuthandana noTholi kuze kuyiwe esontweni sekuyoshadwa.
- Ekugcineni amaphoyisa abopha uTholakele, uPamella noZenze emshadweni.

**[35]**

## **NOMA**

### **UMBUZO 4**

- 4.1
- Iphunga alizwa emlonyeni sengathi elotshwala.
  - Indlela ayekhuluma ngayo engaqedi.
  - Amakopi otshwala ake wawathola endlini.
  - Ukulala kakhulu kukaTholi / ukungavuki kukaTholi uma uBheki esehamba (okubili kwalokhu) (2)
- 4.2 Uyivimba ngoba engafuni indodana yakhe ishade nomfelokazi. (2)
- 4.3
- ukuthi uTholakele ungumfelokazi nokuthi
  - futhi akafundile. (2)
- 4.4
- 4.4.1 Ukwehlulwa uthando-uthando uBheki ayethanda ngalo uTholakele lwalumehlula/ lwalu lukhulu. (2)
- 4.4.2 Ukushonelwa yindoda - uTholakele wayeshonelwe yindoda. (2)
- 4.4.3 Ukutshela umuntu into nibhekene – uBheki ufuna ukutshela uTholakele embhekile ukuthi akayeke utshwala. (2)
- 4.5 Ukufakela umuntu umuthi ekudleni ukuze akuthande kakhulu/ukuloya umuntu ngomuthi wothando. (2)

- 4.6 Yiqiniso,  
-ngoba uTholi wagula waya esibhedlela kwatholakala ukuthi udla izidakamizwa. (2)
- 4.7
- UPamella akaziphethe kahle ngoba udla izidakamizwa.
  - Ongathembekile ngoba ugcina eboshelwe zona izidakamizwa kanye nemali yomgunyathi.
  - usebenzisana nezigebengu. (3)
- 4.8
- UBheki wacela ukukhuluma noTholi uBhatomu wamngqabela
  - UTholi wathi uyasukuma uBhatomu wamphusha wamhlalisa phansi.
  - Wazama ukusukuma futhi uTholi, uBhatomu wamshaya ngempama
  - UBheki naye washaya uBhatomu ngesibhakela.
  - Babambane baze bayophonsana etafuleni.
  - UBhatomu washaya ekhaleni likaBheki ngesibhakela.
  - Wawa uBheki uBhatomu wamhlala ngobhongwane.(okune kwalokhu) (4)
- 4.9
- Ukungena kwamaphoyisa esontweni.
  - Angena noPamella emfake ozankosi.
  - UPamella wakhombisa la maphoyisa umakoti onguTholakele.
  - Ukuboshwa kukamakoti efakwa ozankosi.
  - Kwasuka umsindo omkhulu esontweni.
  - Alibange lisaboshwa ifindo lomshado ngoba umakoti eseboshiwe. (okuthathu kwalokhu) (3)
- 4.10
- USifiso utshela uBheki ukuthi uTholi ungumfelokazi wasemakhaya futhi uyafunwa abafowabo bomkhwenyana wakhe.
  - USifiso ulokhu ebuza uBheki imibuzo ekhombisa ukuthi unolwazi olunzulu ngoTholakele kodwa uma uBheki ebuza umshiya elenga. Lokhu kuvela ngesikhathi:
  - UPamella efika esikoleni ezolanda imali kuBheki, uSifiso esebuzo ukuthi ngabe uBheki uyikhasimende likaPamella yini.
  - USifiso ebuza uBheki ukuthi uyazi yini lapho kusebenza khona uTholi.
  - USifiso ubuza uBheki ukuthi uzomlobola kubani uTholakale. (2)
- 4.11
- Ngaphambi kokuthatha isinqumo, qala ngokuhlolisisa abantu ozihlanganisa nabo.
  - Uma umuntu ekubuza imibuzo evusayo uqaphelise bese ufunisisa ukuthi lowo muntu uyibuzelani leyo mibuzo.
  - Kufanele ulalele abantu abadala uma bekuxwayisa ngezinto ezithile ikakhulukazi eziphathele nempilo ngoba bona sebeyazi ngazo. (2)

4.12

<b>UHLU A</b>	<b>UHLU B</b>
4.12.1 Ukuxaka	C ukudida
4.12.2 Ukuthikameza	D ukuphazamisa
4.12.3 Izandla ezithofozelayo	B izandla ezithambile
4.12.4 Bamnqoba ubuthongo	E ukuzumeka kakhulu
4.12.5 Phansi utshwala	A yeka ukuphuza

(5)  
[35]

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 35**



## **ISIQEPHU B: UMDLALO**

### **UMBUZO 5: ISIKO NELUNGELO – N Zulu**

Izimpendulo zabafundi zingabhekiswa kulokhu okulandelayo:

- Inkinga iqala ngesikhathi uThenjiwe eseshonile umyeni wakhe amthanda kakhulu uMntungwa/ uSikhumbuzo.
- Ngokubona ukuthi umuntu abeshade naye useshonile, uThenjiwe uveza ukuthi usecabanga ukubuyela kubo.
- Ukuveza kukaThenjiwe ukuthi usefuna ukubuyela kubo kudala inkinga okuyiyona esusa udweshu ngoba abazali bakaSikhumbuzo, ikakhulu unina uMaMbatha, ababoni ukuthi kufanele abuyele ekhaya. Noyise uMondise uhambisana nabo.
- UMaMbatha ufuna ukuthi uThenjiwe ahlale lapha emzini kaZungu angenwe ngumfowabo omncane kaSikhumbuzo, uDumisani.
- UThenjiwe uveza ukungahambisani nokungenwa nguDumisani ngoba uDumisani usemncane futhi akazi noma uyamthanda yini. Luyaqhubeka udweshu.
- Ngokubona ukuthi uThenjiwe akahambisani nesiko lokungenwa, uMaMbatha uncenga uDumisani ukuthi angabe esazithambisa kodwa akhulume noThenjiwe ngodaba lokumngena.
- Nakuba uDumisani ekuqaleni wayengakucabanganga ukungena uThenjiwe, ukuchazelwa ngabazali bakhe ngesiko lokungenwa kwamenza ukuthi naye abentshisekelo yokulilandela leli siko.
- Njengesifiso sabazali bakhe, uDumisani wazidela amathambo wakhuluma noThenjiwe.
- Kwabe uyinyathele emsileni uDumisani. Wabhoka wakhahlela uThenjiwe. Lokhu kwadala ukuthi udweshu lubhebhethetheke luye phambili.
- Abalingiswa bagcina sebehlukene phakathi. Kukhona abahambisana nokuthi kufanele uThenjiwe angenwe nguDumisani, kukhona nabanye abangahambisani nalokho.
- Labo abangahambisani babona ukuthi ukuphoqa uThenjiwe ukuthi angenwe nguDumisani kuwukungawahloniphi amalungelo akhe.
- Kwagcina sekungene noSipho umngane kaThenjiwe ngokweseka uThenjiwe.
- USipho wagcina esexabene noDumisane.
- USipho wagwaza uDumisani ngoba ebona ukuthi uhlukumeza uThenjiwe.
- Waboshwa uSipho. Esesejele wabhala incwadi ecela ukuthi uThenjiwe ashade noDumisani.
- Ugogo kaThenjiwe wagula kabi, wathi ngabe useshonile inkinga uvinjwe ukuthi uThenjiwe akakavumi ukushada noDumisani.
- UThenjiwe wafakela uDumisani ushevu etiyeni kodwa lehluleka isu lakhe lokumbulala
- Ngokubona ukuthi ayisekho into angayenza, wagcina esevumile uThenjiwe ukushada noDumisane.
- Kwaphela sekukuhle uThenjiwe benoDumisani sebethandana impela.

**[35]**

## **NOMA**

**UMBUZO 6: ISIKO NELUNGELO – N Zulu**

- 6.1 USkhumbuzo/UMntungwa - wabulawa udlame. (2)
- 6.2 6.2.1 Ungumfowabo kaDumisani. (1)  
6.2.2 Kwakungumyeni kaThenjiwe/ umkhwenyana wakhe. (1)
- 6.3 Umshado omkhulu kakhulu futhi omuhle. (2)
- 6.4 Isiko lokungenwa – uma umuntu wesifazane eshonelwe ngumyeni wakhe uthathwa ngumfowabo womyeni. (uThenjiwe kwakufanele angenwe nguDumisani emva kokushona kukaSkhumbuzo)

**NOMA**

- Isiko lokungena – uma umuntu wesilisa ethatha unkosikazi womfowabo ongasekho . ( uDumisani kwakufanele angene uThenjiwe emva kokushona kukamfowabo.) (2)
- 6.5
- Wawuthela etiyeni
  - Wayefuna ukubulala uDumisani ngoba engamthandi/engafuni ukumgana/engafuni amngene
- (4)
- 6.6 Wabhalela uThenjiwe incwadi ngaphambi kokuthi ashone ecela uThenjiwe ukuthi ashade noDumisani. (2)
- 6.7
- 6.7.1 uGugu umngane kaThenjiwe owayembonisa ukuthi angakwamukeli ukungenwa nguDumisani. (1)
- 6.7.2 uNondumiso udadewabo kaThenjiwe owayegcizelela ukuthi uThenjiwe unamalungelo okukhetha umuntu amthandayo futhi akufanele enziswe into angayifuni. (1)
- 6.8
- UThenjiwe
  - Zonke izigameko ezibalulekile zincike kuye.
  - Utholakala kusukela ekuqaleni komdlalo kuze kube sekugcineni.
- (3)
- 6.9
- UMondise wamtshela ukuthi akasenayo indawo ekhaya ngoba walotsholwa.
  - Wathi futhi amahlazo kaThenjiwe azoqedwa ukuvuma kwakhe isiko.
  - Ugogo wathi ngeke aze afe uThenjiwe engakavumi ukungenwa nguDumisani.
  - Waphinda futhi ugogo wathi uma uThenjiwe evuma ukugana uDumisani yena uyoba idlozi elihle kubo bobabili.
  - uMaMbatha naye wayemcindezela uThenjiwe emtshela ukuthi uzongenwa nguDumisani ngenkani. (okune kwalokhu)
- (4)

- 6.10
- UDumisani wayefuna uThenjiwe alandele isiko lokungenwa uyena.
  - USipho wayezwelana noThenjiwe uma ethi akalifuni leli siko.
  - UDumisani ufuna ukukhuluma noThenjiwe kodwa uThenjiwe uyenqaba lokho kudala ukungena kukaSipho evikela uThenjiwe.
  - Baxabana baze balwa uSipho wagcina ngokukhipha ummese wagwaza uDumisani engalweni. (okuthathu kwalokhu)
- (3)
- 6.11 Iqiniso – uThenjiwe waphoqwa ukuthi angenwe nguDumisani ngoba bethi isiko okumele ligcinwe.  
- waphoqwa ukuthi ahlale emzini angabuyeli kubo.
- (2)
- 6.12
- Wafuna ukuphuza itiyi likaDumisani elalinoshevu.
  - Lokhu kwadala ukungazwisani wagcina eseshilo ukuthi umbonile uThenjiwe ethela ushevu etiyeni likaDumisani.
- (2)

6.13

UHLU A		UHLU B	
6.13.1	Umvundla ziyowunqanda phambili	C	uma wenza into ngenkani uyohlangana nenkinga
6.13.2	Ukuzidonsela amanzi ngomsele	A	ukuzifaka enkingeni
6.13.3	Ukubheka ezulwini kwengqakala	D	ukushona
6.13.4	Ukuzithela ngabandayo	F	ukunganaki
6.13.5	Ukufaka isandla	B	ukusiza

(5)  
[35]

### NOMA

#### UMBUZO 7: *ABABULALI BENYATHI* – RM Mngadi

Izimpendulo zabafundi zingabhekiswa kulokhu okulandelayo:

- Zisuka nje uDuma ukhuluma nomkakhe uMaShezi umtshela ukuthi yena angeke ayocela imvume yokwenza noma yini enkosini uShandu ngoba wakhethwa abantu.
- Wamemezela ngombhobho ebiza abantu ukuthi beze emhlanganweni esikoleni eNdabuzekwayo engacelile enkosini.
- Khona manjalo wahilana noDlamini induna yenkosi ngaleso simanga.
- Ukubanjwa komhlangano kungaceliwe enkosini kwaholela ekulimaleni kukaMbandlwa.
- Ukungazithathi izeluleko kukaDuma kuMaShezi kulubhebhethekisile udweshu phakathi kwabo lwaze lwadlulela kuMaShezi noMbandlwa.
- Ukukhishwa kwamaphepha esimemo somhlangano, kuholele ekufeni kukaMbandlwa noDlamini nokushiswa komuzi kaDlamini.
- uDuma uya enkosini uyocela uxolo. Inkosi iyamxolela, igcina isimnike nendawo azosebenzela kuyona emzini wayo.

[35]

### NOMA

**UMBUZO 8: ABABULALI BENYATHI – RM Mngadi**

- 8.1 Wayememezela ngomhlangano. (1)
- 8.2 8.2.1 Kusho ukuthi ubambebele/uhlezi ekungazini. (2)  
8.2.2 Uzibona/uzicabanga sengathi usuyinkosi. (2)  
8.2.3 Uthukuthele kakhulu. (2)
- 8.3
- Ubiza umhlangano ngaphandle kokucela imvume enkosini.
  - Uthi uDlamini akamuyeke enze umsebenzi wakhe.
  - Uthi abantu bafuna intuthuko uDlamini akakhohlwe ukuthi uzoyeka.
  - Uchithela uDlamini izandla.
  - Uqhubeka nokumemezela ngomhlangano. ( okune kwalokhu)
- (4)
- 8.4
- Kukhona ikhansela eliletha intuthuko endaweni.
  - Kukhona ukudonsisana phakathi kwekhansela , induna kanye nenkosi.
  - Ikhansela lidelela bonke abasondelene nenkosi nayo inkosi imbala ngoba lithi lona lakhethwa ngabantu.
- (2)
- 8.5 Kuguqule uMaShezi waze watshela uDuma ukuthi kungcono azehlise enkosini noma ayeke kwabona ubukhansela lobu. (2)
- 8.6 UDlamini oyinduna yenkosi waboshwa ngemuva kokulimaza uMbandlwa. (2)
- 8.7 Owedelelayo/oweyisayo/ochwensayo
- ngoba angeke uthi kumuntu omdala futhi oyindoda uyaklabalasa ngoba ingane encane eklabalasayo.
  - ngoba angeke uthi uyaklewula ngoba yinja eklewulayo.
- (3)
- 8.8 Likhethwa ngabantu bakuleyo ndawo/liyavotelwa. (2)
- 8.9 Imbangalusizi
- Ngoba ekugcineni kuchitheka igazi.
  - UDlamini noMbandlwa bayabulawa.
  - Kushiswa nomuzi kaDlamini.
- (4)
- 8.10
- UDuma waya enkosini wazehlisa wacela uxolo nayo yamxolela.
  - Inkosi yabhala incwadi yathuma uMfundisi Mazongolo ukuthi ayifundele isizwe sayo ukukhombisa ukuthi bona sebexolelene.
  - UMaShezi noMaNgema babongwa inkosi ngokubambisana ekulungiseni isimo ngokukhuluma nabayeni babo.
  - Inkosi yathi uDuma usazoqhubeka nokuletha uhlelo lwentuthuko esizweni sayo.
  - Yexwayisa uDuma ukuthi aboqaphela ukuthi usebenzisana nabantu abanjani.
  - Yanikela ngendlu esemzini wayo lapho uDuma ayezoqhuba khona umsebenzi wakhe. (amaphuzu amane kulawa)
- (4)

8.11

<b>UHLU A</b>	<b>UHLU B</b>
8.11.1 UMaNgema	D waqeqeshelwa ukuba nguthisha
8.11.2 uMzizi	E isithakazelo sikaDlamini
8.11.3 uMbandlwa	A unobhala wekhansela
8.11.4 uMaShezi	C wafunda oHlange
8.11.5 uMaMsomi	B inkosikazi yenduna

(5)  
[35]

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 35**

## **ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFUSHANE**

### **IZINYEMBEZI ZOTHANDO – DBZ Ntuli (Umhleli)**

#### **UMBUZO 9: *Unozimoto* –NAP Khumalo**

Izimpendulo zabafundi zingabhekiswa kulokhu okulandelayo:

- UKaMaseko ugane emakhaya futhi ukhombisa ukuthanda izinto eziphambili ngoba ezibona ukuthi yena ungcono kunabanye abantu.
- Akafuni ukulalela umyeni wakhe uma emtshela ukuthi akayeke ukuzula.
- Ngelinye ilanga wasuka wahamba engatshelanga muntu ukuthi uyaphi.
- Wasala kumngani wakhe uDombi egibela ibhasi yena wagibela imoto yezigebengu ezingo-Bra Joe no-Bra Sam.
- Izigebengu zahamba naye zaze zangena ehlathini.
- Wathi noma ecabanga ukubuyela emuva akangakwazi ngoba kuyindawo yasemakhaya nezinto zokuhamba zingekho.
- Kwaze kwaba ntambama izigebengu zehla zenyuka naye zagcina sezimdlwengula.
- Ngenkathi zimiswa amaphoyisa zabaleka imoto yazo yashayisa walimala uKaMaseko wangena esibhedlela izigebengu zaboshwa.
- Indoda yakhe yafuna isehlukaniso ngoba wayengalaleli uKaMaseko.
- Kwahluleka noma uyise esemhlawulele.
- Konke lokhu kwabangelwa ukungalaleli kwakhe.

**[35]**

### **NOMA**

#### **UMBUZO 10: *Lapho Kukhona Uthando* – NE Mbese**

- 10.1 Ingoba kukhona owazi isiZulu lapha esitimeleni. (2)
- 10.2 Batholana ngeposi belokhu bebhalelana/ ngama-pen pals (2)
- 10.3 - uyindoni yamanzi  
- amazinyo aluthotho  
- amehlo afana nawejuba (3)
- 10.4 10.4.1 Akulona iqiniso – ngoba uSebenzile akalalanga wuthando lwesoka lakhe ababezobe bebonana okokuqala ngqa nalo. (2)
- 10.4.2 Akulona iqiniso – uWanda wayelokhu echazela uSebenzile ngalokho okwakushiwo ebhasini. (2)
- 10.4.3 Iqiniso – bahamba baze balala nasendleleni bavuka ngakusasa baqhubeka nohamo lwabo. (2)
- 10.5 10.5.1 Ukuba bomvu kwezihlathi (2)
- 10.5.2 Ukubuyela emuva ucabange ngalokhu okukhulunyiwe/ ukucabangisisa ngokukhulunyiwe (2)
- 10.5.3 Ukudla ukudla osuke ukuphethe kwendlela (2)

- 10.6 Imibono iyokwehluka:
- Ngangiyophindela emuva ngoba ngesaba ukwemuka namanzi.
  - Ngangiyophikelela ngiye phambili ngoba lo muntu engiya kuye ngiyamthanda ngifuna nokumbona. (nokunye okushaya emhlohlweni) (2)
- 10.7 Yebo
- Siyahambelana nendaba ngoba sibona uSebenzile esuswa wuthando eya kwaBulawayo lapho ayengazi muntu khona.
  - Uthando lwamenza ukuthi aqunge isibindi awele umfula yize wayewesaba amanzi futhi engakwazi nokubhukuda.
  - Esephaphame emva kokucwila emfuleni akazange adikibale kodwa waqhubeka ngoba eqhutshwa wuthando. (nokunye okushaya emhlohlweni) (3)
- 10.8
- Unobuntu ngoba uyena owayexoxisa uSebenzile esitimeleni esiya kwaBulawayo.
  - Wayemsiza ngokumchazela okwakushiwo esitimeleni nasebhasini.
  - Lapho belele esigangeni uyena owayemkhoselisile kwaze kwasa.
  - Wamtholela usizo komunye umuntu wesifazane ngemva kokucwila emfuleni. (3)
- 10.9 Usuke ungenisa/ugcwele kakhulu/uthwele yonke imfucuza oyikhukhule endleleni yawo. (2)
- 10.10
- Umuntu owangena emnyango wendlu yasehhotela kwakunguWanda.
  - Yilapho uSebenzile ethola khona ukuthi lo Wanda abehamba naye yonke le ndlela futhi emsiza bekunguBen isoka lakhe. (2)
- 10.11 Phezu kwazo zonke izinkinga abahlangabezana nazo (isibonelo bechithwa yisikebhe emfuleni abaminzanga) babuye batholana futhi. (2)
- 10.12 Ukubekezela kunomvuzo omuhle njengoba uSebenzile abekezela izimo ezinzima kodwa wagcina eselitholile isoka lakhe elinguBen. (nokunye okuhambisana nalokhu) (2)

[35]

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 35**

## ISIQEPHU D: IZINKONDLO

### IZINKWAZI ZOTHUKELA/AMAHLOKOHLOKO: EJ MHLANGA NO JJ THWALA

#### UMBUZO 11: Izimomondiya – ZB Gama

- 11.1 11.1.1 Umuntu wesifazane onesisu esincane. (2)  
11.1.2 Izinkinobho zekhompuyutha ezimhlophe. (2)  
11.1.3 Abelungu (2)
- 11.2 Ukuchofeza izinkinobho zekhompuyutha/ukubhala usebenzisa izinkinobho zekhompuyutha/ukubhala ngekompuyutha. (2)
- 11.3 Imigqa yalesi sigaba iyalingana futhi eminye ivulekile. Lokhu kuvuleka kwayo kudala ukuthi ibe nesigqi esithanda ukushesha kanti leyo evulekile idala ukuthi isigqi sinense. (2)
- 11.4 Ikhompuyutha ikwazi ukukhuluma nawe wena oyisebenzisayo ngoba ijike ikubuze ukuthi yini ofuna ukuyenza kuyona/yiliphi uhlelo ofuna ukulusebenzisa kuyona. (2)
- 11.5 ... buthule, kugcizelela umsebenzi oyisimanga owenziwa yikhompuyutha yize ingakhulumi. (3)
- 11.6 Imbongi isebenzise isingathekiso esinembayo ekuchazeni isimomondiya, isibonelo: Amalamb'adlile uqobo.  
Asikhipha ngamakhala okusho ukukhuluma ulimi lwesiNgisi ngendlela eseqophelweni eliphezulu. (2½)  
[17½]

## NOMA

#### UMBUZO 12: Siphukuphuku Ndini – LMMS Madondo

- 12.1 Isonethi (1)
- 12.2 Igama elithi **ndini**/siphukuphuku. (1)
- 12.3 12.3.1 Okuphiwe nguMdali kufanele ukusebenzise ngendlela efanele. (2)  
12.3.2 Ukunika / ukupha umuntu okuthile okungesikho/okungamanga. (2)
- 12.4 **Ujezisa ilungelo owaliphiwa uMdali** – lwusebenzisele ukuthi umqondo owethulwayo uphelele kahle emgqeni olandelayo ukuze le migqa yomibili ithelane. (3)



- 12.5 Ukuxhumana sigcino ... mbumbulu  
Lokhu kuxhumana kuveza umqondo ophelele wokuthi unikwa izinto ezingelona iqiniso. Isebenze ukugcizelela futhi. (3)
- 12.6 Ifuna izimpendulo ukuthi lesi siphukuphuku esiwubulima simholela kuphi, sicabangani futhi sithini ngemvelaphi yakhe ngoba lapho eholelwa khona akafuni ukuya khona. (okubili kwalokhu) (2½)
- 12.7 **Isifaniso** – siletha umqondo wokuthi konke okwenziwayo akukho emthethweni noma akwemukelekile. (3)  
[17½]

### NOMA

#### UMBUZO 13: Sezibuya Inhlazane – SB Mlambo

- 13.1 13.1.1 izinkomo (1)  
13.1.2 zamasi (1)  
13.1.3 bayaziqhenya (1)
- 13.2 Yindawo yokufunda / isikole / iyunivesithi (1)
- 13.3 Ukuxhumana okusekuqaleni – **kusengwa...**  
Alukho uhlobo lo muntu /mfundi ongekho lapho kufundwa khona. (4)
- 13.4 Injabhamenti esetshenzisiwe iqoqa umqondo wonke wendima lapho kuqhakambiswa khona ukuthi akubona bonke abantu abathokozayo uma umuntu efundile/ephumelele. (3)
- 13.5 Phela umbondo neminjonjo yizinto ezinhle ozizuzayo ngobuhle nokuzikhandla umuntu abenzile. Uma-ke umuntu efundile kuningi okuhle akuzuzayo. (2)
- 13.6 Le nkondlo ikhuluma ngemfundo. Imbongi isebenzise amagama awuphawu anembayo ukuqhakambisa ubuhle nemfundo. Isibonelo: izaqheqhe, amahinikazi: Ifisa ukuthi wonke umuntu alithole ithuba lokufunda. (2½)
- 13.7 13.7.1 selithambama (1)  
13.7.2 bayakikizela (1)

### NOMA

#### UMBUZO 14: Nonkululeko – NC Makhanya

- 14.1
- ezintabeni
  - emaqgumeni
  - ezigodini
  - emaweni (okuthathu kuloku)
- (3)
- 14.2 Ningizimu Afrika (2)
- 14.3 **Nonkululeko ntokaz'enhle**  
Igcizelela ubuhle kanye nokubaluleka kwayo inkululeko nokunye okungavezwa ngumfundi. (3)
- 14.4 Ukuxhumana okusekuqaleni futhi kugcizelela ukuthi uNonkululeko ufunwe yonke/wonke amagumbi omhlaba. (3)
- 14.5 Imigqa yale nkondlo ivalekile, lokhu kuletha isigqi esinensayo. (2)
- 14.6 Okukhulunywa ngakho kugqamiswe inhlamvu yelanga okuwuphawu lwethemba. (2½)
- 14.7 Ukucwasana, ukuphithana, ubuqili (okubili kulokhu) (2)

[17½]

**AMAMAKI ESIQEPHU D: 35**  
**AMAMAKI ESEWONKE: 70**



# basic education

Department:  
Basic Education  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

## NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LESIBILI (P2)

NOVEMBA 2010

AMAMAKI: 70

ISIKHATHI: amahora ama-2

Leli phepha linamakhasi ayi-19.

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Fundisisa kahle imiyalelo ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.
2. Bheka kokuqokethwe ngezansi uphawule izinombolo zemibuzo ebhekiswe emsebenzini owufunde phakathi nonyaka.
3. I-eseyi yakho yemibhalo kumele ibe ngamagama aphakathi kwayi-190 kuya kwangama-240.
4. Emibuzweni emifishane, uzoholwa imiklomelo enikezwe embuzweni ukuthi impendulo yakho kufanele ibe yinde kangakanani.
5. Bhala izinombolo zezimpendulo zakho ngale ndlela ezibhalwe ngayo emibuzweni.
6. Bhala ngesandla esibonakalayo nesifundekayo.
7. Qala ISIQEPHU NESIQEPHU ekhasini ELISHA.
8. Kulindeleke ukuba uphendule imibuzo EMIBILI kunoma yiziphi izincwadi ezimbili. Akungathathwa imibuzo emibili encwadini eyodwa.
9. QAPHELA: Uma ukhetha ISIQEPHU D phendula imibuzo ngezinkondlo EZIMBILI.

**OKUQUKETHWE:**

Leli khasi lizosiza abafundi ukukhetha imibuzo abafisa ukuyiphendula.

<b>ISIQEPHU A: INOVELI</b>		
<b><i>Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA</i></b>		
<b>IZINOMBOLO ZEMIBUZO</b>	<b>IMIBUZO</b>	<b>AMAMAKI</b>
1. <i>Kusinda kwehlela endodeni</i>	Umbuzo omude	<b>35</b>
<b>NOMA</b>		
2. <i>Kusinda kwehlela endodeni</i>	Umbuzo omfishane	<b>35</b>
<b>NOMA</b>		
3. <i>Umshado</i>	Umbuzo omude	<b>35</b>
<b>NOMA</b>		
4. <i>Umshado</i>	Umbuzo omfishane	<b>35</b>
<b>ISIQEPHU B: UMDLALO</b>		
<b><i>Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA</i></b>		
5. <i>Isiko nelungelo</i>	Umbuzo omude	<b>35</b>
<b>NOMA</b>		
6. <i>Isiko nelungelo</i>	Umbuzo omfishane	<b>35</b>
<b>NOMA</b>		
7. <i>Ababulali benyathi</i>	Umbuzo omude	<b>35</b>
<b>NOMA</b>		
8. <i>Ababulali benyathi</i>	Umbuzo omfishane	<b>35</b>
<b>ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFUSHANE</b>		
<b><i>Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA</i></b>		
9. <i>UNozimoto</i>	Umbuzo omude	<b>35</b>
<b>NOMA</b>		
10. <i>Lapho Kukhona Uthando</i>	Umbuzo omfishane	<b>35</b>
<b>ISIQEPHU D: IZINKONDLO</b>		
<b><i>Phendula noma yimiphi imibuzo EMIBILI</i></b>		
11. <i>Izimomondiya</i>	Umbuzo omfishane	<b>17½</b>
<b>NOMA</b>		
12. <i>Siphukuphuku Ndini</i>	Umbuzo omfishane	<b>17½</b>
<b>NOMA</b>		
13. <i>Sezibuya Inhlazane</i>	Umbuzo omfishane	<b>17½</b>
<b>NOMA</b>		
14. <i>Nonkululeko</i>	Umbuzo omfishane	<b>17½</b>

**ISIQEPHU A: INOVELI**

Phendula umbuzo OWODWA kulesi siqephu. Uma ukhetha umbuzo omude bhala ngamagama ayi-190 kuya kwangama- 240.

**UMBULO 1: KUSINDA KWEHLELA ENDODENI – SJ Mchunu**

Ukusebenza kanzima kuyaphumelelisa empilweni. Ngokubhekisa kuManyoba veza ukuthi lo mlingiswa uyigqamisa kanjani le ndikimba.

**[35]****NOMA****UMBULO 2: KUSINDA KWEHLELA ENDODENI – SJ Mchunu**

Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

Okubuhlungu kakhulu ngale ndaba ukuthi abazali balezi zingane abakaze baye kulezi zindawo abaya kuzo namuhla. Kubona bobabili kwake kwaba lukhuni ukuyicabanga le nto ebenzakalele uma sekufika isikhathi sokuthandaza ebusuku, nakhu phela umama uyena owayeqala iculo njalo uma sekuthandazwa. Abantwana abakucabanganga lokhu ngesikhathi bebahlukanisa abazali babo. Izingane zona azithandazi uma sezilala, zimane zizilalele nje. Kungakapholi maseko nje umama waxabana nomalokazana wakhe ngoba akakwazanga ukungasho ukuthi akuthandazwe. "Hawu! Bantabami, asisathandazi sibonge iNkosi sihambe kwangaba bikho zingozi endleleni? Ngicela sithandaze bantabami, njengenjwayezi." Bathandaza ngelanga lokuqala kodwa ngelesibili kwala kumalokazana.

"Weyise kaThembalihle! Ake ukhulume nomama wakho umtshela ukuthi asizukutshelwa uyena thina ukuthi senzeni ngasikhathi sini, kukwami lapha. Uma efuna ukwenza into ayithandayo, akaphindele eMdlovana emzini wakhe. Hhayi lapha kwami."

"Kulungile mtakwethu ngizokhuluma naye. Kodwa ungakhohlwa ukuthi omama ilo kwathi nhlo abalali bengathandazile. Bakholwe ngempela. Bangeke bahlukane nomthandazo noma ungathini." Kuphawula uFanyana ecikeka yile nkulumo emenza abe umhdeni, ebe ekhulele emzini wamakholwa impilo yakhe yonke. Pho lwalungafakwa entombini yakwaNene lwalubuya nodaka. Yayishintsha manje nje, liguqubale emini lingahlomile.

- 2.1 Ngobani laba ababebhekene nobunzima okukhulunywa ngabo kulesi siqeshana? (2)
- 2.2 Yibuphi lobu bunzima ababebhekene nabo? (2)
- 2.3 Ubani owasala emzini wabo ngenkathi bethathwa izingane zabo? (1)
- 2.4 Nikeza amagama azo zonke izingane zikaManyoba. (5)
- 2.5 Iyiphi ingane eyathatha unina? (1)

- 2.6 UManyoba wazithuthukisa kanjani ngenkathi esasebenza ukuze athole umsebenzi ongcono? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)
- 2.7 Nikeza izinto EZIMBILI okubonakala ukuthi yizona ezagquguzela uManyoba nezinsizwa ukuba bafunde ngenkathi besebenza efemini. (2)
- 2.8 Iyiphi inhlanhla eyehlela uManyoba emva kwayo yonke inhlopheko ayebhekene nayo? (2)
- 2.9 Ngabe uManyoba wazijezisa kanjani izingane zakhe emva kokuphuma ekuhluphekeni? (2)
- 2.10 Ngokubona kwakho kwakufanele yini ukuthi uManyoba azijezise ngale ndlela izingane zakhe? Sekela impendulo yakho. (2)
- 2.11 Izingane uma seziqedile esikoleni sezisebenza ziyaye zithathele abazali izinqumo ngempilo yabo. Uyavumelana noma uyaphikisana nalesi sitatimende? Sekela impendulo yakho. (3)
- 2.12 Yini eyenza sicabange ukuthi kwakungafanele ashiywe ngaphandle amakhosikazi amadodana kaManyoba ngesikhathi kuthathwa isinqumo sokondla abazali? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMATHATHU. (3)
- 2.13 Esigabeni sesibili sesiqephu esingenhla, tomula amagama akhombisa ubandlululo. (2)
- 2.14 Qondanisa UHLU A NOHLU B.

UHLU A	UHLU B
2.14.1 Ilo kwathi nhlo	A kungakadluli isikhathi eside
2.14.2 Kungakapholi maseko	B intombi enhle itholakala ekuhambeni
2.14.3 Alufakwa lubuya nodaka	C kusukela kudala nje
2.14.4 Umalokazana	D iihlomile
2.14.5 Liguqubele	E intombi ayazi lapho iyoshada khona
	F umlobokazi
	G unolaka

(5 x 1)

(5)  
[35]**NOMA**

**UMBUZO 3: UMSHADO – N Zulu**

Kuyenzeka empilweni umuntu abhekane nezinkinga okufanele azixazulule. Chaza ukuthi izehlakalo/izigameko ezivelela uBhekani zisigqamisa/zisifakazela kanjani lesi sitatimende esingenhla.

**[35]****NOMA****UMBUZO 4: UMSHADO – N Zulu**

Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

Imicabango eyamfikela lapho uBheki yamvezela ngokusobala ukuthi uthando lukaTholi luyamngoba. Wathikamezwa ukuhona kukaTholi owayeselele. Wacabanga ukuthi sengathi ubuntu bukaTholi bufuna ukulungiswa. Bamngoba ubuthongo. Waphupha uyise sengathi ungenisa abantu esangweni. Abanye uyabangenisa abanye uyabavimbela. Kuthe uma kufika intokazi yezingubo ezimnyama, wavimba uyise. Uthe ephaphama uBheki, kwasho ukuthi sekusile.

"Sengihamba Tholi."

"Ushamba kanjalo Bheki? Woza uzovalelisa wakwami, isikhathi siningi ngoba awuyi emsebenzini."

"Kuningi okufanele ngikwenze ngoba usuku lomsebenzi kusasa."

Abuyele kuTholi uBheki. Afike aqabule esihlathini. Aphume ahambe. Into ethanda ukumxaka uBheki ukulala okungaka kukaTholi. Kwakungakaze kwenzeke ukuthi uma uBheki esehamba uTholi angavuki. Wasola iphungana alizwe emlonyeni kaTholi obekungathi elamambawu.

"Uma uTholi ephuza ngempela, kuyofuneka ngimtshele emehlweni ukuthi phansi utshwala." Asho uBheki aze ashaye isibhakela ngesandla. Acabange ukuthi yena unina angathini eganwa isidakwa.

Afike ekhaya uBheki. Unina usevukile.

"Ufuna ukuya esontweni lasekuseni yini mama, wavuka kangaka?"

"Angilalanga uyihlo."

"Usefunani futhi manje?"

"Uthi yini le elotsholwayo?" Athule uBheki. Axakeke nje ukuthi usho ukuthini unina. Abuke unina futhi uBheki; aze ahwaqe impela.

"Kodwa wena Bheki inkinga yakho ikuphi ngoba abantu bonke bathi lo mfelokazi uyisidakwa kabi nje?"

"Angikwazi lokho mina."

"Kufanele ungakwazi phela wena. Angithi ukuphethe ngezandla ezithofozelayo. Kwazi bani? Kokunye kade ekushaye ngomandangaphakathi."

4.1 Yini eyenza uBheki asole ukuthi uTholi uyaphuza? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

4.2 Ngokucabanga kwakho uyise kaBheki uyivimbelani intokazi yezingubo ezimnyama? (2)



- 4.3 Yini eyenza ukuthi umalume kaBhekani aphoxeke uma ezwa ukuthi umshana wakhe ufuna ukushada noTholakele? Bhala OKUBILI. (2)
- 4.4 Chaza ukuthi kusho ukuthini lokhu okulandelayo njengoba kusetshenziswe esiqeshini:
- 4.4.1 Ukunqotshwa wuthando (2)
- 4.4.2 Ukuba ngumfelokazi (2)
- 4.4.3 Ukutshela emehlweni (2)
- 4.5 Ukwenzenjani ukushaya umuntu ngomandangaphakathi? (2)
- 4.6 Ngabe kungumbono noma kuyiqiniso ukuthi uTholakele wayedla izidakamizwa? Sekela impendulo yakho. (2)
- 4.7 UPamella uvezwe njengomlingiswa onjani? Nikeza amaphuzu AMATHATHU. (3)
- 4.8 Kwenzekani ngenkathi uBhekani evakashele uTholakele emfica ehleli noBhatomu? Bhala amaphuzu AMANE. (4)
- 4.9 Nikeza izehlakalo/izigameko ezitholakala ekugcineni kwale noveli ezingalindelekile. Bhala ngamaphuzu AMATHATHU. (3)
- 4.10 Yini ekhombisa ukuthi uSifiso ungumngane kaBheki onolwazi ngoTholakele? Bhala amaphuzu AMABILI ukwesekela lesi sitatimende. (2)
- 4.11 Uthini umyalezo otholakala kule noveli? (2)
- 4.12 Qondanisa UHLU A NOHLU B.

UHLU A	UHLU B
4.12.1 Ukuxaka	A yeka ukuphuza
4.12.2 Ukuthikameza	B izandla ezithambile
4.12.3 Izandla ezithofozelayo	C ukudida
4.12.4 Bamnqoba ubuthongo	D ukuphazamisa
4.12.5 Phansi utshwala	E ukuzumeka kakhulu
	F izandla ziyagezana

(5 x 1)

(5)  
[35]**AMAMAKI ESIQEPHU A: 35**

**ISIQEPHU B: UMDLALO**

Phendula umbuzo OWODWA kulesi siqephu esilandelayo. Uma ukhetha umbuzo omude bhala ngamagama ayi-190 kuya kwangama- 240.

**UMBUZO 5: ISIKO NELUNGELO – N Zulu**

Ukungahlonishwa kwamalungelo kudala ukungezwani phakathi kwabantu. Chaza ubhekisa kuThenjiwe ukuthi ukwenqaba kwakhe ukushada noDumisani kulubhebhethekisa (kuluqhuba) kanjani udweshu olutholakala kulo mdlalo.

**[35]****NOMA****UMBUZO 6: ISIKO NELUNGELO – N Zulu**

Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

*(UThenjiwe noDumisani bahlezi endlini bayaxoxa)*

Dumisani: Awubheke ucishe wona ubuhle nobumnandi bendumezulu yomshado.

Thenjiwe: Eqinisweni njalo ngangingaboni impela ukuthi singasuke silandele isiko bese siyathandana. Namanje ungathi ngiyaphupha.

Dumisani: Uma ubheka uthi umfowethu ungibeka icala ngalesi senzo sethu?

Thenjiwe: Noma ngabe wayediniwe, naye engafuni ngikugane, kodwa ubaba ngendlela achaza, washweleza ngayo, nomufi weneliswa.

Dumisani: Kodwa wawutholaphi lo shevu owawuthi ungijuqa ngawo?

Thenjiwe: Ngicela ungabe usayikhuluma leyo ndaba, ingenza ngibe namahloni amangalisayo.

Dumisani: Abahlola leliya tiye bathi ukuba ngake ngaliqhabula kanye, ingqakala yayiyobheka ezulwini.

Thenjiwe: Ngasuke ngavukwa inzondo embi, idalwa ukuthi uSipho wayefe ngenxa yakho.

Dumisani: Kanti nihlobene kanjani noSipho?

6.1 Ngubani umufi okukhulunywa ngaye kulo mdlalo futhi wabulawa yini? (2)

6.2 Lo mufi okukhulunywa ngaye ingabe uhlobana kanjani nalaba balingiswa abalandelayo:

6.2.1 uDumisani (1)

6.2.2 uThenjiwe (1)

- 6.3 Ngonjani umshado oyindumezulu? (2)
- 6.4 Chaza ukuthi yiliphi isiko okukhulunywa ngalo kulesi siqeshana. (2)
- 6.5 UThenjiwe wawusebenzisa kanjani futhi wayewusebenziselani ushevu kuDumisani? (4)
- 6.6 USipho waba namthelela muni ekutheni bagcine beshadile oThenjiwe noDumisani? (2)
- 6.7 Bhala iqhaza elabanjwa yilaba badlali abalandelayo empilweni kaThenjiwe:
- 6.7.1 uGugu (1)
- 6.7.2 uNondumiso (1)
- 6.8 Ngubani ummeleli kulo mdlalo? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (3)
- 6.9 Ilungelo likaThenjiwe lokuzikhethela umuntu amthandayo alihlonishwanga. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMANE. (4)
- 6.10 Chaza ngodweshu olwalukhona phakathi kukaDumisani noSipho. Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)
- 6.11 Ngabe IQINISO noma UMBONO ukuthi uma ungumakoti emzini bakwenzisa noma ngabe yini abafuna uyenze ngokwalo mdlalo? Sekela impendulo yakho. (2)
- 6.12 UThabi wamsindisa kanjani uDumisani emzamweni wokubulawa nguThenjiwe? (2)
- 6.13 Qondanisa UHLU A NOHLU B.

UHLU A	UHLU B
6.13.1 Umvundla ziyowunqanda phambili	A ukuzifaka enkingeni
6.13.2 Ukuzidonsela amanzi ngomsele	B ukusiza
6.13.3 Ukubheka ezulwini kwengqakala	C uma wenza into ngenkani uyohlangana nenkinga
6.13.4 Ukuzithela ngabandayo	D ukushona
6.13.5 Ukufaka isandla	E ukuzithoba
	F ukunganaki

(5 x 1)

(5)  
[35]**NOMA**

**UMBUZO 7: ABABULALI BENYATHI – RM Mngadi**

Ukwenqaba ukuzehlisa (ukuzithoba) kuletha ukungezwani phakathi kwabantu. Chaza ubhekise kuDuma ukuthi ukwenqaba kwakhe ukuyozehlisa enkosini uShandu kulubhebhethekisa (kuluqhuba) kanjani udweshu olutholakala kulo mdlalo

**[35]****NOMA****UMBUZO 8: ABABULALI BENYATHI – RM Mngadi**

Funda lesi siqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo engezansi.

	<i>(Ikhansela uDuma lihamba okhalweni, liphethe umbhobho limemezela ngomhlangano.)</i>
Duma:	Umhlangano womphakathi! Umhlangano womphakathi, ngoMgqibelo mhla ka-6 kuyo le nyanga! Wozani esikoleni eNdabuzekwayo ngehora lokuqala emini! <i>(awuphindaphinde umyalezo)</i>
	<i>(Khona manjalo kuqhamuke induna uDlamini)</i>
Dlamini:	<i>(Ngokuthukuthela)</i> Hheyi! Hheyi wena, njengoba uklabalasa, uklewula nje, ngabe uyicelile imvume kuNdabezitha?
Duma:	<i>(Akhulume ngombhobho. Uyachitha ngesandla sokhohlo)</i> Maye! Yimihlola yini? Ngicelile? Ngiceleni mina? Kanti mina ngakhethelwani? Kanti yini umsebenzi wekhansela?
Dlamini:	<i>(Intukuthelo iyenyuka uze akhombe ngenduku)</i> Hheyi! Hheyi wena Duma ndini! Kanti ngubani inkosi yale ndawo? Akukhona elokishini lapha. Hamba uyokwenza intando yeningi ekhweni lakho kwaMashu, hhayi lapha! Thina sinenkosi esiphethe lapha.
Duma:	<i>(Ayeke ukukhuluma ngombhobho kodwa nakuye yenyukele intukuthelo)</i> We Dlamini! Mina ngakhethwa ngabantu! Abantu seabkhuluma! Wena usaququbele ehlathini lokungazi! Nguyeke ngenze umsebenzi wami mina. Abantu bafuna intuthuko. Khohlwa nduna!
Dlamini:	<i>(Uthukuthela uyabila. Ukhomba uDuma ngenduku)</i> Uthini? Uthi ngikhohlwe? Wena awuzikhohliwe usuyinkosi! Empeleni ngubani inkosi lapha? Nguwe?
Duma:	<i>(Achithe izandla)</i> Angazi! Lokho okuthandayo! <i>(akhulume embhojeni ebe eqhubeka nokuhamba)</i> Umhlangano womphakathi! Wozani nizokuzwa ngentuthuko! <i>(aze ayosithela)</i>
Dlamini:	<i>(Eya ngalapho kusithela ngakhona uDuma. Naye uyamemeza)</i> Uyadakwa! Uyadakwa, akukho mhlangano ozohlangana lapha! <i>(asithela naye)</i>

- 8.1 Mlayezo muni owawumenyenzelwa nguDuma ngombhobho? (1)
- 8.2 Chaza lokhu okulandelayo:
- 8.2.1 Ukuququbala ehlathini lokungazi. (2)
- 8.2.2 Awuzikhohliwe usuyinkosi. (2)
- 8.2.3 Uthukuthele uyabila. (2)
- 8.3 UDuma ungumlingiswa onenkani. Sekela ngamaphuzu AMANE atholakala esiqeshini ukufakazela lesi sitatimende. (4)
- 8.4 Yini ekhombisa ukuthi lo mdlalo uphathelene nezombusazwe/nezepolitiki? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)
- 8.5 Chaza ukuthi ukushaywa kukaMbandlwa kuyishintshe kanjani indlela uMaShezi abuka ngayo izinto. (2)
- 8.6 Kulo mdlalo yini eyenza uDuma athi akekho umuntu ongaphezu komthetho kulelizwe? (2)
- 8.7 UDIamini uthi uDuma uyaklabalasa, uyaklewula. Chaza ukuthi le nkulumo iveza uDIamini engumlingiswa onjani, sekela ngamaphuzu AMABILI. (3)
- 8.8 Bhala indlela esetshenziswayo uma kubekwa ikhansela. (2)
- 8.9 Lo mdlalo othi 'Ababulali Benyathi' uluhlobo luni? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMATHATHU. (4)
- 8.10 Kwenzekani esiphethweni salo mdlalo? Qala lapho uDuma efika esibhedlela esilele inkosi uShandu. Bhala amaphuzu AMANE. (4)
- 8.11 Qondanisa UHLU A NOHLU B.

UHLU A	UHLU B
8.11.1 uMaNgema	A unobhala wekhansela
8.11.2 uMzizi	B inkosikazi yenduna
8.11.3 uMbandlwa	C wafunda oHlange
8.11.4 uMaShezi	D waqeqeshelwa ukuba nguthisha
8.11.5 uMaMsomi	E isithakazelo sikaDIamini
	F isithakazelo sikaShandu

(5 x 1)

(5)  
[35]**AMAMAKI ESIQEPHU B: 35**

**ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFUSHANE****IZINYEMBEZI ZOTHANDO – DBZ Ntuli (Umhleli)**

Phendula umbuzo OWODWA kulesi siqephu esilandelayo. Uma ukhetha umbuzo omude bhala ngamagama ayi-190 kuya kwangama- 240.

**UMBUZO 9: *Unozimoto* – NAP Khumalo**

Umuntu ongalaleli ugcina esengene enkingeni enkulu. Chaza ubudlelwane obukhona phakathi komlingiswa onguKaMaseko kanye nendikimba ukufakazela le nkulumo engenhla.

**[35]****NOMA****UMBUZO 10: *Lapho Kukhona Uthando* – NE Mbese**

Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

"Hawu, uSisi yena uyaphi?" kubuza lolo ngqazu lwenziswa. Iluhlaza ngebala. Inentshebe nehwanqa nje. Isho ngamazinyo amhlophe qwa. Iyabukeka. Imfanela nomuntu ake ambona. Konje uzothi wayeyibonaphi? USebenzile ajabuliswe ukuthi kanti kukhona owazi isiZulu! "Uyavakasha noma mhlawumbe?"

Ahleke kuze kuvuthwe izihlathi uSebenzile. "Ngiya kobona emzini engizoshadela kuwona."

"Shono bo! Yaze yaba nenhlanhla le nsizwa bo! Kodwa mina bengizozilandela mathupha." Ibisikwitiza idlulisela inkulumo kubahlobo bayo. Kuhlekwe kuthi woklo! Bathi ukuxoxaxoxa okungasho lutho. Cha-ke, kuqhutshekwe nohambo, insizwa lena ibe ningi lapha eduze kwakhe ibuye iyoxoxa nabakubo.

Lathi liyoshona ilanga, sasishosholoza kwezikude izinkalo lezi. Usuzwa nangomoya ukuthi amanye amazwe esesiguduza kuwo manje. Sekulalwa, behlukaniswa. Abaselisa bakhishelwa kwenye indlu, kodwa bathenjiswa ukuthi kuzothi kungasa babuye baqhubeke nokuhlalisana ndawonye. Noma sekulalwa ubukwitikwiti.

USebenzile yena akalalanga wuthando lwesoka lakhe abazobe bebonana okokuqala ngqa nalo. Pho ezithombeni akunsizwa inyakanyaka! Nalelo lizwi layo mhla elizwa ocingweni okokuqala ungafunga uthi uyalizwa namanje. Sengathi uyayizwa mhla bexoxa okokugcina isithi, "Sesiyobonana khona-ke ehhotela Sithandwa sami. Sengilungise yonke into. Angisakwazi ukulinda."

Ekuseni baphinde bahlale njengoba bebehlezi izolo. Lapho ebuyekeza inkulumo yesoka lakhe uSebenzile amane amoyizele yedwa, ephenduphendula izandla zakhe. Le nsizwa eyazi isiZulu imane imuthi jejemuzi. Phela uthi angakhathala ukufunda akhiphe izithombe zesoka lakhe. AmaShona namaNdebele awanasizungu wona ngoba ayazixoxela. Nayo le nsizwa ayimshiyi isikhathi eside. Akukubi neze.

Imini yonke badamane bekhwelela imiphako uma sebelambile. Babuye baphume balunguze ngamafasitela lapho sishosholozza sishiya izihlahla nemfuyo ngemuva. Uthe ebona uSebenzile base beqala ukunyakaza. Kukhona okuke kwashiwo ugadi. Habe! Kusho ukuthi sebeyasondela lapho kuphela khona isitimela. "Sisi, sesiyangena esiteshini lapho sizoxhuma khona ibhasi elizosedlulisela kwaBulawayo. Ithi ngikusize ukuqoqa impahla yakho."

- 10.1 Yini ejabulisa uSebenzile njengoba esegibele isitimela nje? (2)
- 10.2 UBen noSebenzile batholana kanjani? (2)
- 10.3 Bhala kube KUTHATHU okukhombisa ukuthi uSebenzile uyintokazi enhle. (3)
- 10.4 Ngabe lokhu okulandelayo kuyiqiniso noma akulona iqiniso na? Sekela impendulo yakho.
- 10.4.1 USebenzile walala ubuthongo esitimeleni ngenkathi ezobonana nesoka lakhe okokuqala. (2)
- 10.4.2 Bonke abantu ababesebhasini babezwana ngenkulumo. (2)
- 10.4.3 Yayikude le ndawo uSebenzile ayeya kuyo. (2)
- 10.5 Chaza ukuthi kusho ukuthini lokhu okulandelayo:
- 10.5.1 ukuvuthwa kwezihlathi (2)
- 10.5.2 ukubuyekeza inkulumo (2)
- 10.5.3 ukukhwelela umphako (2)
- 10.6 Wena ukuba wawunguSebenzile wawuzokwenzenjani kufanele uwele umfula ugcwele usendaweni ongayazi? Sekela impendulo yakho. (2)
- 10.7 Ngabe isihloko sale ndaba siyahambelana yini nokushiwo yindaba? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (3)
- 10.8 Yikuphi okwenziwa uWanda okukhombisa ukuthi unobuntu? Nikeza amaphuzu AMATHATHU. (3)
- 10.9 Kusuke kwenzenjani uma umfula uza namabibi nezingodo? (2)
- 10.10 Veza ingwijikhwebu etholakala ekugcineni kwale ndaba emfushane. (2)
- 10.11 USebenzile noBen ayikho into engabahlukanisa. Sekela lesi sitatimende. (2)
- 10.12 Uthini umyalezo otholakala kule ndaba? Chaza. (2)

**[35]****AMAMAKI ESIQEPHU C: 35**

**ISIQEPHU D: IZINKONDLO****IZINKWAZI ZOTHUKELA/AMAHLOKOHLOKO: EJ MHLANGA NO JJ THWALA****UMBUZO 11**

Khetha izinkondlo EZIMBILI kuphela bese uphendula imibuzo.

Funda le nkondlo engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

**Izimomondiya – ZB Gama**

- 1 Ngizibonile ezinhle kakhulu
- 2 Amalamb'adlile uqobo,
- 3 Omashayela phezulu boqobo,
- 4 Ngisho amaNkisimane ansundu
- 5 Akhuluma asikhiphe ngamakhala,
- 6 Izintombi zendlu empisholo.
  
- 7 Amakhanda agcwele ayachichima,
- 8 Ulwazi lobuchwepheshe besimanje
- 9 Izimomondiya ezisebenza zihlezi
- 10 Yeka iminwe ukuchofoza,
- 11 Iminwe egijima iye le,
- 12 Ibuye umuva, iye phambili.
  
- 13 Amehlo agqolozele ibhokisi,
- 14 Iminwe ichofoza amathambo,
- 15 Ngisho amathambo amhlophe,
- 16 Agqize ngomnyama umbala,
- 17 Okomfaniswano wezingane zesikole
- 18 Zigxumagxuma emabaleni.
  
- 19 Ngiyaseshwama isimangaliso seminwe
- 20 Egidagida phezu kwamathambo,
- 21 Ngisho amathambo amhlophe
- 22 Ibhale umlayezo wansondo
- 23 Yeka ubuciko bekhompyutha,
- 24 Ubuciko bondlebe zikhanya ilanga.
  
- 25 Angiwubonaze umshini oyisimangaliso,
- 26 Umshini okhuluma buthule,
- 27 Umshini obuza buthule,
- 28 Yisimangaliso lesi sakobelungu
- 29 Esifinyeza umsebenzi umkhulu
- 30 Simangaliso ubaba nomama.



- 11.1 La magama alandelayo achazani ngendlela asetshenziswe ngayo kule nkondlo:
- 11.1.1 Amalamb'adlile (2)
- 11.1.2 Amathambo amhlophe (2)
- 11.1.3 Ondlebe zikhanya ilanga (2)
- 11.2 Ngokwale nkondlo ukwenzenjani ukugidagida phezu kwamathambo amhlophe? (2)
- 11.3 Phawula ngemigqa endimeni/esigabeni sesine ukuthi inamthelela muni kwisigqi sayo. (2)
- 11.4 Phawula ngesenzasamuntu esitholakala emgqeni wama-26 ukuthi sikugqamisa kanjani ukubaluleka kwekhompyutha. (2)
- 11.5 Bhala ukuxhumana okusekugcineni kwendima yesi-5 bese uyachaza ukuthi kunamthelela muni kule ndima. (3)
- 11.6 Chaza ubunkondlo obusetshenziswe endimeni yokuqala ekuchazeni izimomondiya. (2½)  
[17½]

### NOMA

#### UMBUZO 12

Funda le nkondlo engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

#### Siphukuphuku Ndini – LMMS Madondo

- 1 Siphuphutheki ndini ungisaphi?
- 2 Ungithubelezis'okwenkomo yokwebiwa,
- 3 Kwenzenjani engqondweni yakho?
- 4 Ujezisa ilungelo owaliphiwa uMdali
- 5 Lokumelekelela ekudalekeni kwami,
- 6 Ungidlisa emadlelweni mbumbulu,
- 7 Uyambuluzela ungifunze ubumbulu.
- 8 Siduphunga ndini ucabangani?
- 9 Uthini ngemvelaphi yami engingenakuyazi?
- 10 Ngendlela ongifihlele ngayo ukuyazi
- 11 Wangifunza obakh'ubumpoqabulungu,
- 12 Ngidedele ngifund'olwami ulimi,
- 13 Ngivumele ngiqonde elami isiko,
- 14 Ze nami ngikhulise abami ngendlela.

- 12.1 Le nkondlo inemigqa eyi-14. Hloboluni lwenkondlo lolu? (1)
- 12.2 Tomula igama elisesihlokweni sale nkondlo elikhombisa ukweyisa. (1)

- 12.3 Chaza ukuthi imbongi isho ukuthini ngalokhu okulandelayo:
- 12.3.1 Ujezisa ilungelo owaliphiwa uMdali (2)  
12.3.2 Ungidlisa emadlelweni mbumbulu (2)
- 12.4 Bhala umugqa onenjambamenti otholakala esigabeni sokuqala bese usho ukuthi imbongi iyisebenziseleni. (3)
- 12.5 Yiluphi uhlobo lokuxhumana olutholakala esigabeni sokuqala? Shono ukuthi lokhu kuxhumana kunamthelela muni kulesi sigaba. (3)
- 12.6 Kwenziwa yini eminye imigqa kule nkondlo igcine ngophawu lokubuza? (2½)
- 12.7 Bhala uhlobo lwesifenqo esisetshenziswe esigabeni sokuqala bese usho ukuthi sibe namthelela muni emqondweni wenkondlo. (3)  
**[17½]**

### NOMA

#### UMBUZO 13

Funda le nkondlo engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

#### Sezibuya Inhlazane – SB Mlambo

- 1 Sezibuy'inhlazane
- 2 Sekugqigqwa namagula
- 3 Sekusikhathi sikleza.
- 4 Kusesibayeni solwazi
- 5 Kusengwa amahinikazi
- 6 Kusengwa izigqala.
- 7 Kuyaphithizela ubuyaluyalu
- 8 Ayagcwala amathunga kuyathululwa
- 9 Kwabanye ziwakhahlel'egcwele.
- 10 Kusesibayeni solwazi
- 11 Sengathi ngumbondo neminjonjo
- 12 Bazozuza selithambama.
- 13 Asegcwalisile bayakikizela
- 14 Sebeyeke imiyeko yokunqoba
- 15 Imiyeko bayithole sebeqedile.
- 16 Izehluleki seziyabanyonkoloza
- 17 Zibabeka izici bengenazo
- 18 Kuthiwa bayazidla!

19	Sebezizuzele izaqheqhe
20	Abasayikwephula muntu!
21	Yisinkwa sabo!
22	Nani enisashay'umphehlu
23	Yalelani nabanye abantu
24	Ngamaqhinga okusenga le nkomazi

- 13.1 Khetha impendulo efanele kulezi ezinikeziwe kubakaki:
- 13.1.1 Sezibuya inhlazane ( izinkomo, amahhashi, izimbogolo). (1)
- 13.1.2 Sebezizuzele izaqheqhe ( zamahewu, zamanzi, zamasi). (1)
- 13.1.3 Kuthiwa bayazidla okusho ukuthi (bayazihleka, bayaziqhenya, bayazikhalela). (1)
- 13.2 Yisiphi lesi sibaya solwazi okukhulunywa ngaso endimeni yesine? (1)
- 13.3 Bhala uhlobo lokuxhumana olutholakala endimeni yesibili, bese unika nesibonelo sakhona. Chaza ukuthi lokhu kuxhumana kunamthelela muni kule ndima. (4)
- 13.4 Phawula ngenjambamenti etholakala endimeni yesithupha bese usho ukuthi imbongi iyisebenziseleni. (3)
- 13.5 Siwulolonga kanjani umqondo wenkondlo lesi sifenqo?  
"... Sengathi ngumbondo neminjonjo" (2)
- 13.6 Chaza ubunkondlo obusetshenzisiwe ukuthi bukhombisa kanjani imizwa yembongi kule nkondlo. (2½)
- 13.7 Bhala amagama AMABILI asenkondlweni akhombisa lokhu:
- 13.7.1 Ukushona kwelanga (esigabeni sesi-4). (1)
- 13.7.2 Ukujabula kwabesifazane (esigabeni sesi-5). (1)
- [17½]**

### NOMA

**UMBUZO 14**

Funda le nkondlo engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

**Nonkululeko – NC Makhanya**

- 1 Nonkululeko ntokaz' enhle,
- 2 Kad' ufunwa nkalo zonke,
- 3 Imilomo ingavalwa ngawe,
- 4 Ufunw'ezintabeni zasemaweni,
- 5 Ufunw' emagqumeni nasezigodini,
- 6 Namhla ufunyenwe ntokazi enhle.
  
- 7 Nonkululeko ntokaz' enhle,
- 8 Ufunwe ngaphesheya nanganeno,
- 9 Wafunwa kuyo yonk' i-Afrika,
- 10 Wafunwa kuyo yonk' i-Eshiya,
- 11 Wafunwa kuyo yonk' iYurophu,
- 12 Wafunwa kuyo yonk' iMelika.
  
- 13 Nonkululeko siphalaphala sika-Afrika,
- 14 Ukufika kwakho kuleth' intokozo,
- 15 Yesul' izinyembezi zeminyaka,
- 16 Namuhla sisin' umphiqilo,
- 17 Sishay' indlamu, sichway' umchwayo,
- 18 Sisin' umphendu, sisin' umqokozo.
  
- 19 Nonkululeko ntokaz' enhle
- 20 Ulindwe ngokukhul' ukubekezela,
- 21 Ulindw' abanewenu bozalo,
- 22 Baguquk' imilalandle kweziny' izinkalo,
- 23 Begqok' izinxibi kwamany' amagquma,
- 24 Baguquk' iziduli zaphakade kwelemiphafa.
  
- 25 Nonkululeko ntokaz' enhle,
- 26 Ukufika kwakho kufana
- 27 Nokuqhamuka kwenhlamvu yelanga,
- 28 Ewukukhanya kwaphakade.
- 29 Ubukhona bakho bush' ukuhlabana
- 30 Okuyosala kungumlando waphakade.
  
- 31 Nonkululeko ntokaz' enhle,
- 32 Uzel' uNokuthula sethaba,
- 33 Wazal' uNtuthuko sethaba,
- 34 Wazal' uNobuhle sethaba,
- 35 Wazal' uNolubambiswano sethaba,
- 36 Phila njalo ntokaz' enhle!

37	Nonkululeko ntokaz' enhle,
38	Mana njalo kuleyo nqubo,
39	Qhubeka njalo kuleyo migomo,
40	UNolucwasano mfak' inhlanekela,
41	UNoluphithano mkhomb' indlela,
42	UNomaqili mfundis' isifundo

- 14.1 Bhala izindawo EZINTATHU zemvelo ezitholakala endimeni yokuqala lapho kufunwe khona uNonkululeko. (3)
- 14.2 Iyiphi le ndawo yanganeno evezwe emgqeni wesi-8? (2)
- 14.3 Bhala phansi impindwa esetshenziswe enkondlweni bese uyasho ukuthi ibe namthelela muni emqondweni wale nkondlo. (3)
- 14.4 Hlobo luni lokuxhumana olusetshenziswe endimeni yesibili, futhi lunamthelela muni emqondweni wale ndima? (3)
- 14.5 Phawula ngemigqa yale nkondlo ukuthi inamthelela muni esigqini. (2)
- 14.6 Chaza ubunkondlo obuvezwa umugqa wama-26 kanye nomugqa wama- 27. (2½)
- 14.7 Shono izinto EZIMBILI ezisendimeni yokugcina uNonkululeko afanele azinqobe. (2)

[17½]

**AMAMAKI ESIQEPHU D: 35**  
**AMAMAKI ESEWONKE: 70**



# basic education

Department:  
Basic Education  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

## NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LESITHATHU (P3)

NOVEMBA 2010

IMEMORANDAMU

AMAMAKI: 100

Le memorandamu inamakhasi ayi-10.

**ISIQEPHU A: Imemorandamu Yezindaba**

AMAKHODI	IKHODI 7		IKHODI 6		IKHODI 5		IKHODI 4		IKHODI 3	
	Uphumelele ngamalengiso		Uphumelele ngeqophelo eliphhezulu		Uphumelele ngokuvelele		Uphumelele ngezinga eligculisayo		Uphumelele ngokusendira	
<b>ISIQEPHU A (AMAMAKI 50)</b>	10 – 12 (80 – 100%)	<b>ULIMI:</b> * Ulimi lunothile kakhulu, nezimpawu zokuloba zisetshenziswe kahle kakhulu. * Amagama ajiyile futhi anemba kahle kakhulu. * Isitayela, iphimbo nerejista kusetshenziswe ngokuphumelela okukhulu. * Indaba ayinamaphutha nhiobonhlobo. * Imisho nezigaba zendaba kuyanikezelana kahle kakhulu.	8½ – 9½ (70 – 79%)	<b>ULIMI:</b> * Ulimi lunothile impela nezimpawu zokuloba zisetshenziswe kahle impela. * Amagama akhetheke kahle impela. * Isitayela, iphimbo nerejista kusetshenziswe ngokuseqophelweni. * Indaba ayinamaphutha. * Imisho nezigaba zendaba kuyanikezelana impela.	7½ – 8 (60 – 69%)	<b>ULIMI:</b> * Ulimi lusebenze kahle. * Amagama asetshenziswe kahle. * Isitayela, iphimbo nerejista kusetshenziswe kahle. * Indaba yamukeleka kahle. * Imisho nezigaba zendaba kuyahambisana kahle.	6 – 7 (50 – 59%)	<b>ULIMI:</b> * Ulimi nezimpawu zokuloba kusetshenziswe ngokugculisayo. * Amagama asetshenziswe ngokugculisayo. * Isitayela, iphimbo nerejista kusetshenziswe ngokugculisa.	5 – 5½ (40 – 49%)	<b>ULIMI:</b> * Ulimi nezim zokuloba kusetshenziswe ngokusendira * Amagama asetshenziswe ngokulingene * Isitayela, iphimbo nerejista kusetshenziswe ngokusendira. * Indaba isendimeni. * Imisho nezigaba zendaba kusetshenziswe ngokusendira.
	<b>ULIMI, ISITAYELA, UKUHLELA (12)</b>									

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha

AMAKHODI	IKHODI 7		IKHODI 6		IKHODI 5		IKHODI 4		IKHODI	
	Uphumelele ngamalengiso	Uphumelele ngeqophelo eliphezulu	Uphumelele ngeqophelo eliphezulu	Uphumelele ngokuvelele	Uphumelele ngezinga eligculisayo	Uphumelele ngezinga eligculisayo	Uphumelele ngezinga eligculisayo	Uphumelele ngezinga eligculisayo	Uphumelele ngezinga eligculisayo	Uphumelele ngezinga eligculisayo
	26 – 32 (80 – 100%)	22 ½ – 25½ (70 – 79%)	19 ½ – 22 (60 – 69%)	16 – 19 (50 – 59%)	13 – 15 (40 – 49%)					
	* Okuqukethwe kutshengisa ukuzisungulela okusezingeni elihle kakhulu. * Imiqondo inikezelana kahle kakhulu. * Indaba inokuthuthuka okusezingeni elihle kakhulu. * Uhlaka lucacile futhi luhambisana kahle kakhulu nendaba.	* Kunokuziqambela okuhle impela. * Imiqondo inikezelana kahle impela. * Indaba inokuthuthuka okusezingeni elihle impela. * Uhlaka lucacile futhi luhambisana kahle impela nendaba.	* Kuseqophelelweni elihle. * Imiqondo inikezelana kahle. * Indaba inokuthuthuka okusezingeni elihle. * Uhlaka luhambisana kahle nendaba.	* Kuseqophelelweni eligculisayo. * Imiqondo inikezelana ngokugculisayo. * Indaba ithuthuka ngokugculisayo. * Uhlaka lucace ngokugculisayo.	* Kuvezwe ngekusendimeni * Ivezwe ngokusendimeni * Kunamaphavezwe ngolinganayo. * Uhlaka lusendimeni.					
	5 – 6	4½	4	3 – 3½	2 ½					
	<b>ISAKHIWO (6)</b>									
	* Ubude bufanelekile kahle kakhulu. * Isakhiwo usilandele ngokuncomekayo kakhulu. * Imisho nezigaba zendaba kuyanikezelana kahle kakhulu.	* Ubude bufaneleke impela. * Isakhiwo usilandele ngokuncomekayo impela. * Imisho nezigaba kuyanikezelana kahle kakhulu.	* Ubude busezingeni elihle. * Isakhiwo sihle. * Imisho nezigaba zendaba kuyahambisana kahle.	* Ubude busezingeni eligculisayo. * Isakhiwo siyagculisa. * Imisho nezigaba zendaba kuyagculisa.	* Ubude busendimeni * Isakhiwo silandelewe ngokusendimeni * Imisho nezigaba zendaba busendimeni.					

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha



**OKULINDELEKILE**

Umqondo mawuphelele esigabeni esisodwa noma kwesilandelayo. Okungenani mazibe zimbili kuphela izigaba ezethula/ezixoxa ngomqondo owodwa, mazingadluli kulokho. Makuqalwe umqondo omusha esigabeni esisha.

**Amamaki azocazwa ngale ndlela:**

**ULIMI, ISITAYELA, UKUHELELA (12)**  
 Ulimi (L) *Bullets* 1&4 **6**  
 Ukuhlela (amagama) (G) *Bullets* 2&3 **3**  
 Isitayela (ST) *Bullets* 6&7 **3**  
**[12]**

**Amakhodi angasetshenziswa uma kumakwa**

SP – (dwebela)-isipelingi esingamukelekile.

PH – uphawu lokubhala olungemukelekile.

L – (dwebela)- ulimi olungemukelekile.

// – khombisa isigaba esisha.

NK – inkathi engemukelekile.

'S-I – i-aphostlofi engemukelekile.

GL – amagama awalandelani ngokufanele.

R – irejista.

KM – akwenzi umqondo.

ISIV. – isivumelwano esingavumelani.

AK – akudingekile.

^ – kunegama elingekho.

GN – igama elingcono.

/ – ukwehlukanisa amagama

() – ukuhlanganisa amagama

**OKUQUKETHWE (32)**

Okuqukethwe (Q) *Bullet* 1 **12**  
 Imiqondo (Im) *Bullet* 2 **8**  
 Ukuthuthuka (Th) *Bullet* 3 **7**  
 Uhlaka (Hi) *Bullet* 4 **5**  
**[32]**

**ISAKHIWO**

Isakhiwo

Ubude

**OKULINDELEKILE MAYELANA NESAKHIWO SEMIBHALO (ISIQEPHU A)**

- Isingeniso: Siyaheha, siyisigaba esisodwa, singenisa indikimba.
- Umzimba: (i) Izigaba zinemiqondo ezwakalayo nenikezelanayo.  
 (ii) Zihleleke kahle / umqondo osekelayo.  
 (iii) Umbhalo nombhalo mawuhambelane nenkathi okumele ubhalwe ngayo.

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha

- Isiphetho: (i) Siyisigaba esisodwa  
(ii) Makuvele ukuthi umbhalo usuyagoqwa noma uyasongwa.  
(iii) Selungavela uvo lombhali ngalokho abhala ngakho okungaba ukuxwayisa /ukweluleka /ukuxolisa

### **OKULINDELEKILE MAYELANA NEZIHLOKO ZEZINDABA (ISIQEPHU A)**

- 1.1 Indaba mayiveze ukwengezwa kwamaphoyisa, ukuqeqeshwa okunzulu kwamaphoyisa, ukugququzelwa komphakathi okuhambisana nesihloko).
- 1.2 Indaba mayikhombise ukuvuma/ukuphika **noma** ukuvuma nokuphika kanye kanye. Abafundi kulindelekele ukuthi base yabo.
- 1.3 Makakhombise imizwa eveza injabulo. Ukuguquka kwempilo, nokunye okuningi okunokuveza ushintsho empilweni nokuyabo.
- 1.4 Makuvele izigameko ngokulandelana kwazo, kuvele ukuthi kwenzekani kanti futhi kwakuyini imbangela yakho. Kuphilweni yakho.
- 1.5 Makuvele ubunzima obunhlobonhlobo njengemali yesikole, ukudla, imali yokukhokhela ugesi, ukuhlukumezeka ngokomkhuba ekusebenziseni izidakamizwa, ukungena emaqenjini ezigebe, ukuboshwa (nokunye okuhambisana nesihloko).
- 1.6 Makuvele impilo yabantu abantulayo abakhombisa ukweswela, kuphinde kuvele impilo yabantu abanothile (abadla iza (nokunye okuhambisana nezithombe)
- 1.7 Makuvele ukuthi isiphambano sisho ukuthini kubona, baveze imibono ngaso nokuthi basithatha kanjani. Abanye bangaba isikhumbuzo samatshe asemangcwabeni (nokunye okungavezwa abafundi okuhambelana nesithombe).
- 1.8 Bazobhala ngokwakiwa kwezinkundla nokuthi ziwusizo kangakanani emphakathini. Abanye bangaveza ukuthi ziyichithe eyahlukahlukene. (nokunye okuhambisana nezithombe)

**QAPHELA: Izithombe kumele bazibukise futhi baziqonde bakwazi ukuqamba indaba esukela kuzo. Mabangaza**

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha

**ISIQEPHU B: YE-AJENDA NAMAMINITHI/INCWADI YOBUNGANI/UMLANDO KAMUFI/UMBIKO**

AMAKHODI	IKHODI 7	IKHODI 6	IKHODI 5	IKHODI 4	IKHODI 3
	<b>Uphumelele ngamalengiso</b>	<b>Uphumelele ngeqophelo eliphezulu</b>	<b>Uphumelele ngokuvelele</b>	<b>Uphumelele ngezinga eligculisayo</b>	<b>Uphumelele ngokusend</b>
	<b>8 – 10 (80 – 100%)</b>	<b>7 – 7½ (70 – 79%)</b>	<b>6 – 6½ (60 – 69%)</b>	<b>5 – 5½ (50 – 59%)</b>	<b>4 – 4½ (40 – 49%)</b>
<b>ISIQEPHU B (AMAMAKI 30)</b>	* Uhlelo, ukusetshenziswa kolimi nezimpawu zokuloba kusezingeni eliphezulu kakhulu. * Isitayela, iphimbo nerejista kusezingeni elihle kakhulu. * Ubude bombhalo buwulandele kahle kakhulu umgomo mlayelo.	* Uhlelo, ukusetshenziswa kolimi nezimpawu zokuloba kusezingeni eliphezulu impela. * Isitayela, iphimbo nerejista kusezingeni elihle impela. * Ubude bombhalo buhle impela.	* Uhlelo, ukusetshenziswa kolimi nezimpawu zokuloba kusezingeni elihle. * Isitayela, iphimbo nerejista kusezingeni elihle. * Ubude bombhalo buhle.	* Uhlelo, ukusetshenziswa kolimi nezimpawu zokuloba kuyagculisa. * Isitayela, iphimbo nerejista kusezingeni eligculisayo. * Ubude bombhalo buyagculisa.	* Uhlelo, ukusetshenziswa kolimi nezimpawu zokuloba kusendimeni. * Isitayela, iphimbo nerejista kusezingeni eligculisayo. * Ubude bombhalo busendimeni.
	<b>ULIMI, ISITAYELA, UKUHLELA (10)</b>				

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha

	16 – 20 (80 – 100%)	14 – 15½ (70 – 79%)	12 – 13½ (60 – 69%)	10 – 11½ (50 – 59%)	8– 9½ (40 – 49%)
<b>OKUQUKETHWE, UHLAKA, ISAKHIWO (20)</b>	* Ulwazi oluqukethwe lusezingeni eliphezulu kakhulu. * Unamathela kakhulu kulokho abuzwe ngakho. * Imibono ibhalwe yamukelana ngokusezingeni elihle kakhulu. * Uhlaka lombhalo luhle kakhulu. * Ithekisthi ilandele kahle kakhulu isakhiwo.	* Ulwazi oluqukethwe luseqophelweni eliphezulu. * Unamathela ngokuseqophelweni eliphezulu kwabuzwe ngakho. * Imibono ibhalwe yamukelana ngokusezingeni eliphezulu. * Uhlaka lombhalo luseqophelweni eliphezulu. * Ithekisthi ilandele isakhiwo esifanele impela.	* Ulwazi oluqukethwe lusezingeni elihle. * Unamathela kahle kulokho abuzwe ngakho. * Imibono ibhalwe yamukelana kahle. luhle. * Ithekisthi ilandele isakhiwo esifanele kahle.	* Ulwazi oluqukethwe lusezingeni eligculisayo. * Unamathela ngokugculisayo kulokho abuzwe ngakho. * Imibono ibhalwe yamukelana ngokugculisayo. * Uhlaka lombhalo luyagculisa. * Ithekisthi ilandele isakhiwo esigculisayo.	* Ulwazi oluqukethwe lusezingeni eligculisayo. * Unamathela ngokugculisayo kulokho abuzwe ngakho. * Imibono ibhalwe yamukelana ngokugculisayo. * Uhlaka lombhalo luyagculisa. * Ithekisthi ilandele isakhiwo esigculisayo.

**OKULINDELEKILE****2.1 I-AJENDA NAMAMINITHI**

Mayiveze lokhu:

- Uhlelo lomhlangano/i-ajenda
- Uhlobo lomhlangano.
- Usuku / isikhathi / indawo.
- Makuvele lezi zihlokwana:

Ukuvula  
Ababekhona  
Abaxolisile  
Amaminithi omhlangano odlule  
Ezivuka emaminithini  
Ezosuku  
Ukuvaleliswa kwabafundi bebanga leshumi nambili  
Ezixubile  
Umhlangano olandelayo  
Ukuvala

- Ekugcineni makuvele igama lobhalayo kanye nesikhundla sakhe Isib. JZ Mngadi (Unobhala)
- Mayisayinwe yilowo obhalayo.

Akuvumelekile ukukupisha leli phepha

**2.2 INCWADI**

- Ikheili lioodwa.
  - Ikheili lobhalayo lihamba nosuku. Isib.(16 kuNdasa 2010/16 Mashi 2010/ 03.16.2010/16/03/2010)
  - Obhalelwayo makabingelelwe sakukhuluma: Nqobile/Dadewethu
  - Isigaba sokuqala singaqalisa kanje:Ngiyathemba .. Ngiyaxolisa ... , Ngiyadabuka .....njalo-njalo
  - Valelisa ukhombise ukumazi lowo ombhalelayo. Isib. Yimina udadewenu uSthembiso
- Okulindelekile: (i) Isingeniso  
(ii) Umzimba (ungaba yizigaba ezimbili)  
(iii) Isiphetho (makuvele ukuphethwa kwencwadi)

**2.3 UMLANDO KAMUFI****Okungavela emlandweni ngomufi yilokhu okulandelayo:**

- Kuqala ngesihloko esigqamile esinamagama kamufi aphelele.
- Mawubhalwe ngenkathi edlule.
  - Amagama onke akhe aphelele.
  - Imininingwane yakhe yonke isib: uzalwa ngubani/ungowesingaki emndenini, Kuphi nendawo
  - Wafundaphi (lapho aqala khona nalapho aqhubeka khona)
  - Wasebenzaphi/msebenzi muni
  - Aphumelela kukhona/neqhaza abeibambile emphakathini
  - Usuku ahambe ngalo emhlabeni
  - Abashiyile/nazokhunjulwa ngakho
- Umusho omfushane wokumvalelisa onezibongo zakhe. Isib: Lala uphumule Mntungwa .... (nokunye okuphathelene)

**2.4 UMBIKO**

- Isihloko. Isib: Umbiko ngezimali zokulekelela abafundi abaswele.
- Isingeniso esichaza kabanzi ngesihloko.
- Imali eqoqiwe.
- Ukuphetha
- Iziphakamiso
- Ohlele lo mbiko/usuku/nesikhundla sakhe.

**Amamaki azocazwa ngale ndlela:****ULIMI, ISITAYELA, UKUHLELA (10)**

Ulimi	(L) Bullets 2&3	<b>6</b>
Isitayela	(ST) Bullet 6&7	<b>2</b>
Ubude	(U) Bullets 4	<b>2</b>
		<b>[10]</b>

**OKUQUKETHWE, UHLAKA NESAKHIWO (20)**

Okuqukethwe (Q) Bullets 1&2	<b>7</b>
Imibono (B) Bullets 3	<b>5</b>
Uhlaka (H) Bullets 4	<b>5</b>
Isakhiwo (Sk) Bullet 1	<b>3</b>
	<b>[20]</b>

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha

**ISIQEPHU C: YESIKHANGISI/IKHAD/IMIYALELO**

AMAKHODI	IKHODI 7	IKHODI 6	IKHODI 5	IKHODI 4	IKHODI 3
<b>ISIQEPHU C (AMAMAKI 20)</b>	<b>Uphumelele ngamalengiso</b>	<b>Uphumelele ngeqophelo eliphezulu</b>	<b>Uphumelele ngokuvelele</b>	<b>Uphumelele ngezinga eligculisayo</b>	<b>Uphumelele ngokusendiri</b>
	<b>6 – 7 (80 – 100%)</b> * Uhlelo nokusetshenziswa kolimi kusezingeni eliphezulu kakhulu. * Isitayela, iphimbo nerejista kuhambisana kahle kakhulu. * Ubude bufanelekile kahle kakhulu.	<b>5 – 5½ (70 – 79%)</b> * Uhlelo nokusetshenziswa kolimi kusezingeni eliphezulu impela. * Isitayela, iphimbo nerejista kuhambisana kahle impela. * Ubude bufanelekile impela.	<b>4½ (62 – 69%)</b> * Uhlelo nokusetshenziswa kolimi kusezingeni elihle. * Isitayela, iphimbo nerejista kuhambisana kahle. * Ubude bufanelekile kahle.	<b>3½ – 4 (52 – 59%)</b> * Uhlelo nokusetshenziswa kolimi kuyagculisa. * Isitayela, iphimbo nerejista kuyagculisa. * Ubude buyagculisa.	<b>3 (40 – 49%)</b> * Uhlelo nokusetshenziswa kolimi kusendimeni. * Isitayela, iphimbo nerejista kusendimeni. * Ubude busendimeni.
	<b>10½ – 13 (80 – 100%)</b> * Ulwazi oluhle kakhulu ngohlobo lombhalo. * Ubhala kahle kakhulu ngalokho abuzwe ngakho akagudluki neze. * Imibono ibhalwe yamukelana kahle kakhulu. * Uhlaka lombhalo luhle kakhulu. * Ithekisthi inesakhiwo esihle kakhulu.	<b>9½ – 10 (70 – 79%)</b> * Ulwazi oluhle impela ngohlobo lombhalo. * Ubhala kahle impela ngalokho abuzwe ngakho akagudluki neze. * Imibono ibhalwe yamukelana kahle impela. * Uhlaka lombhalo luhle impela. * Ithekisthi inesakhiwo esihle impela.	<b>8 - 9 (60 – 69%)</b> * Ulwazi oluhle ngohlobo lombhalo. * Ubhala kahle ngalokho abuzwe ngakho akagudluki neze. * Imibono ibhalwe yamukelana kahle. * Uhlaka lombhalo luhle. * Ithekisthi inesakhiwo esihle.	<b>6½ - 7½ (50 – 59%)</b> * Ulwazi olugculisayo ngohlobo lombhalo. * Ubhala ngokugculisayo ngalokho abuzwe ngakho akagudluki neze. * Imibono ibhalwe yamukelana ngokugculisayo. * Uhlaka lombhalo luyagculisa. * Ithekisthi inesakhiwo esigculisayo.	<b>5½ – 6 (40 – 49%)</b> * Ulwazi olusendimeni ngohlobo lombhalo. * Ubhala ngokusendimeni ngalokho abuzwe ngakho akagudluki neze. * Imibono ibhalwe yamukelana ngokusendimeni ngalokho abuzwe ngakho akagudluki neze. * Uhlaka lombhalo luyagculisa. * Ithekisthi inesakhiwo esigculisayo.
	<b>ULIMI, ISITAYELA, UKUHLELA (7)</b>				
	<b>OKUQUKETHWE, UHLAKA, ISAKHIWO (13)</b>				

Akuvumelekile ukukupisha leli phepha

**OKULINDELEKILE****3.1 ISIKHANGISO**

- Amagama ahehayo/ iziqubulo.
- Igama le-hotela, indawo lapho likhona
- Okubalulekile okutholakala kulona.
- Indlela yokubhala/ ubungako (ifonti) bamagama

**3.2 IKHADI LESIMEMO**

- Libhalwa ngomuntu wesithathu.
- Umbiko kumele uphelele futhi ucace kuvele lokhu okulandelayo
  - Makuvele indawo/isikhathi nosuku/ indlela yokugqoka.
- Asisetshenziswa isibingelelo nesiphetho.
- Umbiko uyaqonda ungate-melezi.
- Ikheli lomemayo libhalwa ekugcineni ngezansi.
- Iminingwane lapho ozophendula ubhekise khona.

**3.3 IMIYALELO****Uhlobo lwesobho elizophekwa malivezwe esihlokweni.**

- Izithako ozosisebenzisa nobungako bazo
- Indlela yokwenza / yokuhlenganisa kusukela ekuqaleni.
- Isikhathi ozosisebenzisa uma usupheka.
- Inani labantu abazolidla.

**Amamaki azocazwa ngale ndlela:****ULIMI, ISITAYELA, UKUHLELA (7)**

Ulimi (L) Bullets 2&amp;3

Isitayela nokuhlela (StHl)

Ubude (U) Bullets 4

[7]

**OKUQUKETHWE, IMIBONO NESAKHIWO (13)**Okuqukethwe (Q) *Bullets* 1&2Imibono (B) *Bullets* 3Isakhiwo nohlaka (SkHl) *Bullet* 1&4

[13]

**OKULINDELEKILE MAYELANA NOBUDE NOBUFUSHANE BEMIBHALO**

- Uma amagama ege noma ehle esukela ku 1–5 kuyokwamukeleka.
- Uma amagama ege noma ehle esukela ku 6–10 kuyosuswa imaki elilodwa.
- Uma amagama ege noma ehle esukela ku 11–20 kuyosuswa amamaki ama–2.

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha



# basic education

Department:  
Basic Education  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

## NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LESITHATHU (P3)

NOVEMBA 2010

AMAMAKI: 100

ISIKHATHI: amahora ama-2½

Leli phepha linamakhasi ayi-7.



**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniwe iziqephu EZINTATHU:
 

ISIQEPHU A: Indaba	(50)
ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo	(30)
ISIQEPHU C: Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo	(20)
2. Abahlolwayo kulindeleke ukuba baphendule umbuzo OWODWA esiqeshini A, OWODWA esiqeshini B kanye noWODWA esiqeshini C.
3. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.
4. Abahlolwayo mabaqale umbuzo NGAMUNYE ekhasini ELISHA.
5. Bhala uhlaka ekhasini lephepha lakho lokuphendula imibuzo. (Indaba kuphela edinga uhlaka.)
6. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:
 

ISIQEPHU A: Amaminithi angama-80
ISIQEPHU B: Amaminithi angama-40
ISIQEPHU C: Amaminithi angama-30
7. Ungazishintshi izinombolo zemibuzo. Zibhale njengoba zinjalo ephepheni lemibuzo.
8. Abahlolwayo mabaqaphelisise isipelingi kanye nokwakheka kwemisho.
9. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.
 

ISIQEPHU A: (Izindaba)
• Ubude bendaba
Bhala amagama ayi-190 kuye kwangama-240.
ISIQEPHU B: (Imibhalo emide edlulisa imiyalezo)
• Ubude bombhalo
Bhala amagama angama-80 kuya kwayi-100.
QAPHELA: Abahlolwayo bayayalwa ukuba babhale uhlobo lombhalo abawuphendulayo.
ISIQEPHU C: (Imibhalo emifishane enemiyalezo)
• Ubude bombhalo
Bhala amagama angama-60 kuya kwangama-80.
QAPHELA: Abahlolwayo bayayalwa ukuba babhale uhlobo lombhalo abawuphendulayo.

**ISIQEPHU A: INDABA****UMBUZO 1**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

**QAPHELA:** Bhala uhlaka lwendaba yakho lube sekhasini lwalo lodwa.

- 1.1 Izigebengu sezicabanga ukuthi lapha eNingizimu Afrika zingenza noma yini ezithanda ukuyenza. UMnyango Wezokuphepha uzama ukuqeda ubugebengu. Bhala indaba ngalesi sihloko: Imizamo UHulumeni Azama Ngayo Ukuqeda Ubugebengu Kuleli. [50]

**NOMA**

- 1.2 Kunenkolelo yokuthi izingane zabafana yizona ezimisa ikhaya, kodwa konke lokhu kubukeka sengathi sekushintshile ngoba izingane zamantombazane nazo azizibekile phansi. Bhala indaba ngalokhu bese uyinika isihloko. [50]

**NOMA**

- 1.3 Engingakwenza Uma Ngingawina Imali Eningi Kwi-Lotto. Bhala indaba ngalesi sihloko. [50]

**NOMA**

- 1.4 Usuku Engingasoze Ngalukhohlwa Empilweni Yami. Bhala indaba ezoveza konke okwenzeka ngalolo suku. [50]

**NOMA**

- 1.5 Bhala indaba ngalesi sihloko esilandelayo: Ubunzima Bokushonelwa Abazali Nisebancane. [50]

**NOMA**

- 1.6 Bukisisa lezi zithombe ezilandelayo bese ubhala indaba ngazo zombili. Nika indaba yakho isihloko esiyifanele.



[50]

**NOMA**



- 1.7 Kwabanye lolu phawu lwesiphambano lusho okukhulu kanti kwabanye alusho lutho. Bhala indaba uveze umbono wakho. Inike isihloko indaba yakho.



[50]

**NOMA**

- 1.8 Bukisisa lezi zithombe bese ubhala indaba ngokwaxhiwa kwezinkundla uveze nokuthi izinkundla ezaxhiwe ziyichithe kanjani imali nokuthi ziyusizo kangakanani emphakathini. Inike isihloko indaba yakho.



[50]

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 50**

**ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO****UMBUZO 2**

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.

- 2.1 Kuye kwabanjwa umhlangano esikoleni ofunda kuso mayelana nomcimbi wokuvalalisa abafundi bebanga le-12. Wena njengonobhala uceliwe ukuthi uthathe amaminithi alowo mhlango. Bhala-ke i-**ajenda** kanye **namaminithi** alo mhlango. Veza okukhulunywe ngakho kanye nezinqumo ezithathiwe. [30]

**NOMA**

- 2.2 Udadewenu owenza unyaka wokuqala enyuvesi akaphumelelanga kahle ezifundweni zakhe, usecabanga ukuyeka. Mbhalele **incwadi** umkhuthaze/ umbonise ngokuthi usenokuphumelela onyakeni ozayo uma engazama futhi. [30]

**NOMA**

- 2.3 Umngane wakho uthole ingozi yemoto wase eshona. Umndeni wakhe wase ukucela ukuba ubhale umlando kamufi ozofundwa ngosuku lomngcwabo. Bhala-ke **lo mlando kamufi**. [30]

**NOMA**

- 2.4 Njengomgcini zimali wekomidi labafundi (RCL), kade uqoqa izimali zokusiza abafundi abaswele. Bhala **umbiko** enizowedlulisela/enizowethula kubafundi usho ukuthi lezo zimali zizosebenza kanjani. [30]

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 30**

**ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO****UMBUZO 3**

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.

3.1 Bheka isithombe esingezansi bese ubhala **isikhangisi** ngaso.

**[20]****NOMA**

3.2 Umfowenu omdala uzohlenganisa/uzogubha iminyaka engama-21 ngenyanga ezayo. Bhala-ke **ikhadi** lesimemo umeme abangani bakhe.

**[20]****NOMA**

3.3 Wenzele abangane bakho isobho lemifino elimnandi futhi balijabulela. Omunye wabo ukucele iresiphi nokuthi lenziwa kanjani. Bhala-ke **imiyalelo** afanele ayilandele ekwenzeni lolu hlobo lwesobho.

**[20]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 20**  
**AMAMAKI ESEWONKE: 100**